# UJEHOVA-JIRA 3

Ngiyabonga, Mfowethu Borders.

Ningahlala phansi. Ukuba nenhlanganyelo nje noMfowethu Harrel, usihlalo womhlangano, futhi ukuthola ukuthi uyisithunywa senkolo, futhi sithi ukuba nezinto esihlanganyela kuzo. Ubuyela emuva manje eGold Coast, e-Afrika. Futhi ngihlose ukuba lapho kulonyaka. Futhi sasizama ukuthola okuthile ndawonye ngokuvakashela enhla eGold Coast ngemuva kokubuya eNingizimu Afrika.

2 Yilapho esaba khona, engicabanga ukuthi, nomunye wemihlangano emikhulu kunayo yonke, osukwini lwami, wawuseNingizimu Afrika, ngenkathi sibone izinkulungwane ezingamashumi amathathu abomdabu boblankethe bemukela uKristu ngesikhathi esisodwa. Amen. Babacela ukuba bephule izithixo zabo emhlabathini, ukuthi babekuqondile ngempela. Futhi bephula izithixo zabo, njengesiphepho sothuli sikhuphuka, futhi bemukela uKristu njengoMsindisi wabo, emhlanganweni owodwa. Baba nokulandela okuhle lapho, ngakho-ke ba—bababamba.

3 Kodwa ukubizela e-altare okukhulu kunakho konke engikukhumbulayo, kweNkosi isipha khona, kwakuse... kwakungaphesheya eNdiya, lapho esasibe cishe namakhulu amahlanu ezinkulungwane emhlanganweni owodwa. Futhi lapho thina—asikwazanga nje ukulinganisela; ngangokubona kwakho nje, kwakusendaweni yonke nje. Futhi bonke bamukela uKristu njengoMsindisi, kodwa kungekho neyodwa into engalandelwa ngakho. Ngakho ngakho-ke, kusobala, amaSikh athatha okwawo, amaJain athatha okwawo, nokunye nokunye. Ngicabanga ukuthi abaningi babo babuyela emuva, ekuboneni okuthize iNkosi ekwenzayo futhi ikuveza lapho.

4 Inkonzo yami iNkosi enginika yona, eMelika ayisebenzi kakhulu, abantu bePentecostal nje. Iningi lamabandla aseMelika angamabandla anobuhlakani obuphakeme, futhi akholwa yisivumokholo. Futhi nje yilapho nje abahlala khona, angeke ubasuse kuso.

5 Kodwa uma uthatha owomdabu futhi uzame ukumtshela into ethize ngesivumokholo, akazi ngisho ukuthi yisiphi isandla sokudla nesobunxele. Kusiza ngani ukumnika incwajana na? Uzofanele *abone* okuthize. Futhi lapho ekubona, khona-ke usekholisekile. Futhi ubone inyanga-mthakathi yakhe isukuma futhi ikuphonsela inselelo, futhi ubone uMoya oNgcwele ukwehlisa khona lapho. Ya. Khona-ke lokho—lokho kuyakukhombisa, ukuthi uNkulunkulu ungubani, futhi khona-ke kuyakuxazulula.

Futhi ngijabule kakhulu ukuhlangana noMfowethu Harrel! Bengi . . . Besikhuluma ngabomdabu base-Afrika. Wayekhuluma ngokuxhasa owodwa kaMfowethu T. L. Osborn.

6 Abaningi benu bayamazi uMfowethu Osborn, ngiqagele. O, kukhona inceku eligugu kaKristu, uMfowethu Osborn. Ungomunye wabangani bami besifuba. Impela nginokuhlonipha kokuzithoba okujulile enhliziyweni yami ngoMfowethu Osborn, isithunywa senkolo esikhulu kakhulu. E . . . ngiyakholwa wenze okuningi emasimini ezimishini kunoma ubani osemhlabeni namuhla, engimaziyo, ngu—nguMfowethu Osborn. Onomoya omuhle kakhulu, umfana okahle, futhi ngiyamthanda ngempela uMfowethu noDadewethu Osborn.

7 Bangitshela ukuthi uMama Arganbright usemhlanganweni kulobubusuku. Uyangicashela, Mama Arganbright na? Impela ngiyasithakasela isithelo sakho esihle. Futhi akumangalisi eyinenekazi elincane elihle kakhulu, uvela ngakulengxenye yezwe lapha. Uhlala njalo ekhuluma ngeGrass Valley. Bangaki omaziyo uMnu. noNkk. Arganbright, ngaseGrass Valley na? Awu, lokho kulungile. Ukuphi, Mama Arganbright na? Angikubonanga isikhathi eside kakhulu, ushelelile . . . Nanguya. Yebo. Ayibusiswe inhliziyo yakhe. Ikhaya lakhe liyikhaya lami lesibili, owesifazane omangalisayo khona lapha eGrass Valley. Futhi uhlala njalo enomthwalo ngalababantu. Futhi Mama Arganbright, uma lobu kungubusuku bakho bokuqala lapha, bengiphandle emahlathini ngikhuleka namuhla ngenkathi uvakashele unkosikazi nabo. Futhi ngiyaxolisa bengingekho ukukubona, nokuhlangana nomngani wakho.

8 Kodwa ngizothi ngikubonile okuthile kwenzeka phakathi kwabantu bakho lapha engingakaze ngikubone kunoma yiliphi idolobha laseMelika nomaphi. Ngiwabonile amaKristu evuma ukuthi anephutha, eZwini likaNkulunkulu, futhi ame futhi acele umusa. Ya. Lokho kuzwakala kimi sengathi imvuselelo ingabhobokela lapha. Kungaba yisimanga. Njengoba nje ngishumayele umhlaba wonke, futhi ikakhulukazi eMelika, angikaze ngibone phambilini, amaqembu amaKristu, ngenkathi iZwi lehliswa, ukubonisa iZwi, baphakama futhi bathi (bafakaza) bebenephutha. Hhayi lokho kuphela, kodwa abefundisi kanye nabo. Manje, lobo ubuqotho. Ngiyakuthanda lokho.

9 Dadewethu Arganbright, njengalokhu bekusukumisile, ngizophoxa umkami. Ungumuntu onamahloni kakhulu ezweni. Kodwa uhlezi lapha kulobubusuku. S'thandwa, ngiyakholwa uzongikhokhisela ngalokhu, kodwa ngizocela umkami ukuba asukume. Owesifazane omuhle kunabo bonke emhlabeni wonke, kimi. [Ibandla lishaya ihlombe—Umhl.]

10 Intombazane yami, indodakazi yami, indodakazi yami endala kunawo onke, uRebekah. Manje, s'thandwa, ngiyazi

ushiswe yilanga, kodwa ngifuna usukume, noma kanjani. Kulungile, uRebeka. Yindodakazi yami leyo, uRebekah. [Ibandla lishaya ihlombe—Umhl.] Ngiyabonga. Ngiyabonga.

11 Mfowethu Jewel Rose, bangaki omaziyo na? Ngobunye ubusuku waletha umkami emsamo lapho engangikhona, emuva kokuba kwase kuvele kuqaliwe. Wacishe waquleka. Uyamshalazela yonke indawo lapho engambona khona. Uyadeda endleleni yakhe, ngoba uyesaba ukuthi uzombizela emsamo futhi.

12 Ngimtshelile, "Ngobunye ubusuku ngizokusukumisa futhi ukhulume isikhashanyana kithi."

13 Uthe, "Lungisa ibhakede lamanzi, ngoba ngizoquleka."

14 Ungumuntu othandekayo kakhulu, umkami. Uma kukhona noma yikuphi ukubonga ofuna ukukunikeza emndenini wakwaBranham, makuye kuye. Nguye owayemile phakathi kwami nomphakathi. Nazo zonke izinto ezenziwe kahle, ukwenzile.

15 Ngiyethemba ukuthi yonke insizwa lapha, lapho isiganwa, izothola unkosikazi, futhi nizohlala ngokujabula ndawonye njengonkosikazi futhi nginaleminyaka engamashumi amabili nambili sishadile.

16 "Lowo ofumene umfazi, ufumene into enhle." NjengoSolomoni wathi, "Owesifazane olungile uyigugu emqheleni wendoda. Ongalungile ungamanzi egazini lakhe." Futhi umthambo wakhe wegazi ungukuphila kwakhe. Ngakhoke, ongalungile uyinto embi ukuzedlula zonke angayithola. Futhi olungile uyinto enhle ukuzedlula zonke angayithola, ngaphandle kwensindiso. Ukube uNkulunkulu ubenganikeza indoda into engcono kunonkosikazi, Abengamunika yona, ngoba uNkulunkulu unikeza abantwana baKhe nje izinto ezinhle. Futhi Wamnika inkosikazi, futhi ngiyabonga ngakho.

17 Futhi ukubona abesifazane, lapho ngithi ukusika ngobunye ubusuku, ngomBhalo ngendlela laba besifazane bePentecostal abagqoka ngayo, belungisa izinwele zabo, nokuhamba. Wena uthi, "Lokho akwenzi mehluko." Impela kuyawenza!

18 Ngifuna ukunibuza okuthize. UMfowethu Harrel ulapha, isithunywa senkolo.

19 EThekwini, eNingizimu Afrika, kwakunabesifazane behlezi lapho benqunu njengoba befika emhlabeni; bengakaze babe nesichibi sengubo, okuncane nje cishe amane-, amayintshi ayisithupha omqhele phambi kwabo. Futhi bemi lapho benqunu njengoba babenjalo, futhi bemile emhlabathini ngemuva kokuba lesisimangaliso esimangalisayo sasenzekile emsamo. Futhi kwakukhona kuleloqembu, kwakucishe kube izinkulungwane eziyishumi zabakwaMohamede (ngasikhathi sinye) abemukela uKristu kulowo mhlangano ofanayo. Futhi khona-ke phakathi

lapho . . . Laba besifazane, bemile nalamadoda, bemukela uKristu.

20 Futhi uMfowethu Bosworth wathi, "Mfowethu Branham, ngikholwa ukuthi ubufanele wenze lokho kubiza futhi. Ngiyakholwa baqonde ukuphulukiswa 'ngokomzimba.'"

21 Ngathi, kusobala, abahumushi abayishumi nanhlanu abehlukene. Uyazi, kuthatha . . . Ufanele ukubhale phansi okushilo, isikhathi bona . . . Uthi, "UJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, wafikela ukusindisa izoni." Futhi lona uzothi "blu, blu, blu, blu," futhi lona uthi "nci, nci, nci, nci," lowo ngu "Jesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu."

22 Niyazi, nga—ngangivamise ukuzwa abantu bekhuluma ngezilimi, futhi ngacabanga, "He, lokho akulungile." Kodwa iBhayibheli lathi, "Awukho umsindo ongenancazelo." Awukho. Lapho ngizwa lokho, abanye babo bebekukuza njengezinyoni, abanye benswininiza njengesilwanyakazana, nayo yonke into. Kodwa kusho incazelo kubo, uma wonke umsindo wawuyincazelo.

23 Futhi ngenkathi kuhamba kwedlula futhi, futhi ngathi, "Awu, khona-ke makuthi labo manje abaziyo ngempela ukuthi akusikho ukuphulukisa 'ngokomzimba', ngukwemukela uKristu njengoMsindisi, iZulu lizofanele lihambe, niyakholelwa eNdodaneni kaNkulunkulu, yeMukeleni njengoMsindisi oqondene nani, phulelani izithixo zenu emhlabathini!" Futhi baziphosa phansi. Ngase ngithi, "Khona lapho manje, phakamisani izandla zenu kulowoNkulunkulu, futhi niMnike udumo. Uzoninika uMoya oNgcwele!"

24 Futhi ngenkathi ngisamile kulowomhlabathi, ngibone abesifazane ababequnu nqu; futhi kwathi nje uKristu engabashaya, basuka kuleyondawo ephansi nezandla zabo zisongiwe. Futhi lapho usuphinda ubabona, babembhethe izingubo.

25 Manje, uma uKristu ezokwenza umhedeni (onqunu) aqonde ukuthi unephutha, ngokuba nqunu, bese kuthi-ke abesifazane abazisho ukuthi bangamaKristu futhi minyaka yonke bekhumula okuningi, angikuqondi. Kukhona okuthile okuyiphutha ndawo ndawo.

26 Umhedeni uqobo, emi lapho nje, ezalelwe kulelizwe futhi engakaze azi ukuthi wayehambaze, akazi ukuthi uhambaze. Kodwa makuthi uKristu angene ebukhoneni bakhe, uyaqonda ukuthi uhambaze, kakhulu ngangokuthi uzama ukuzimboza ngakho konke angakwenza, ukusonga izingalo zakhe futhi asuke ahambe. Ezimbili noma izinsuku ezintathu kamuva, uzomthola futhi, usembethe.

27 Manje kukhona okuyiphutha ndawo ndawo, futhi ngineqiniso akukho ngoKristu. O, ngicabanga ukuthi iZwi liphelele!

28 Ngiyaluthanda nje uhambo luka-Abrahama. Aniluthandi na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Ngihlala nalo isikhathi eside, ngiyethemba ngifinyelela ku *Jehova-Jira* kulobubusuku. Ngithathe indikimba, ubusuku obuthathu noma obune obedlule, futhi akakaze ngifike kukho.

29 Kodwa unyaka owodwa ekhaya ngathatha indaba, ngishumayela ngoJobe. Awu, cishe unyaka ngangiseNcwadini kaJobe, njalo ngeSonto nangoLwesithathu, kuJobe. Futhi ekugcineni ngamvusa waze wahlala endundumeni yomlotha. Ngaba naye lapho cishe amaviki amathathu noma amane. Futhi omunye—omunye udadewethu oyigugu enesibindi esanele ukungibhalela, wathi, "Mfowethu Branham, uzoke umsuse nini uJobe endundumeni yomlotha na?"

30 Awu, ngiyacabanga niyamangala ukuthi ngizoze ngimsukumise nini u-Abrahama ukubona uJehova-Jira.

31 Kodwa benginephuzu. U-Abrahama . . . Noma, uJobe ehlezi lapho endundumeni yomlotha, u-Elihu ekhuluma: UNkulunkulu evivinya ongcwele. Ngakungenisa konke, ngaze ngafika endawaneni lapho engingenza khona ukudubula okubulalayo, ngalungisa yonke into. Khona-ke iNkosi yehla ngalesisivunguvungu, nemibani iqala ukubanika, nemidumo iyaduma. Futhi uMoya kaNkulunkulu wehlela phezu komprofethi, wama ngezinyawo zakhe, wathi, "Ngiyazi uMhlengi wami ukhona;" buka "uMhlengi." "Futhi ezinsukwini zokugcina Uyakuma phezu komhlaba. Futhi noma emuva kokuba izibungu zesikhumba zibhubhisa lomzimba, nokho enyameni yami ngiyakumbona uNkulunkulu; Engiyakumbona mina uqobo, amehlo ami ayombona, hhayi omunye." O, isifundo esingaka lapho! Ukushayela lokho kungene, kuthathe isikhashana ukuthola abantu bonke behlalisiwe, uMoya kahle nje, bese-ke uyakushayela. Bese kuthi-ke i-altare lalinemigqa futhi ligcwaliswe ngabantu, bephenduka.

32 Uma nje uholwa nguMoya, thatha isikhathi sakho nje uze uqondaniswe ngqo. Awuzuku, uzodubula phezulu kakhulu noma uzodubula kude kakhulu, noma okuthize. Asikwenze kuqondane, iBhayibheli! Ngiyakholwa ukuthi uNkulunkulu ufuna siqondaniswe ngqo. UMoya oNgcwele waqondaniswa ngqo nabaphostoli, noma baqondaniswa ngqo noMoya oNgcwele, njalo. Futhi ngiyakholwa singenza into efanayo, ngeZwi elifanayo. Kungukuthi shaya okuqondiwe! Futhi uma kukushaya kanye, esenta ngqo, kungaphinde kukushaye futhi! Kodwa uzofanele uqondaniswe ngqo! Qiniseka ukuthi ukuphefumula kwakho, ukudonsa kwakho, yonke into ilungile nje. Ngidubula okuqondiwe; ngiyazi ukuthi kuyini, ukubeka emqhudelwaneni, nesibhamu esikhulu esizoqondaniswa.

33 Ngesinye isikhathi ngaphindisela imodeli seventi-fayifi encane eNkampanini iWinchester, ngelinye ilanga.

Futhi ngangingakwazi ukusenza sishaye ngaphezulu cishe okuthathu... noma ikota ye-intshi, emayadini angamashumi amahlanu. Futhi iNkampani iWinchester yasibuyisela kimi, yathi, "Mfundisi Branham, lesosibhamu senzelwe kuphela uku—ukuhlanganisa ukudubula kahlanu okuhlangene, i-intshi emayadini angamashumi amabili nanhlanu." Manje leyo inkampani eyasenzayo. Ngazi okwehlukile. Ngavele ngashayela, emgqeni, ukuqondisa ngqo, eziyisishiyagalolunye eziqondile, izipikili zikakhaphethi, emayadini angamashumi amahlanu, ngaso. Ngakho-ke ngazile sasiqondaniswe ngqo. Ngakho-ke ngangilokhu ngidlala ngaso, futhi ngidlala ngaso, ngaze ngadingeka ngisishayele sibuyele emuva futhi.

34 Manje, into efanayo ingeZwi likaNkulunkulu. Lezozinto lezo abaphostoli abazenza, lezozinto uKristu azethembisa, sizofanele siqondaniswe neZwi, noMoya. Uma kwakwenza kanye, kuzophinda futhi, ngoba NguNkulunkulu. Futhi uNkulunkulu uyiZwi, futhi Angehluleke.

35 Uma ukunganyakazi okuthile, isibhamu sixega kakhulu *ngale*ndlela esiphathweni, ukuxega okuncane noma ukuqina kakhulu, noma yini ekubophayo, ungabeka isisindo somunwe wakho esibhanyini, futhi (sidubula ngokuphelele) isisindo somunwe wakho siyokulahla. Ufanele ube nakho konke kuphelele.

36 Yileyondlela okufanele wenze ngayo ebuKristwini, ukwenza iZwi, ulenze libonakale futhi lisebenze kahle, wena qobo neZwi nangoNkulunkulu, kuzofanele kuphelele, futhi khona-ke kuzoqondana. Kuzofanele kube njalo! Ngakho ngakho-ke, ekushumayeleni, ufanele uzwe uMoya kahle nje, bese kuba ukuqonda; kuzosuka kuhambe, kuzohamba kuye kokuqondiwe.

37 Khona-ke abantu behlezi bezungezile, izikhathi eziningi abantu bathi, "Mfowethu Branham, angizwa ngemihlangano yakho."

38 Anginazo izindawo zokudayisa njengabanye abafowethu. Banamaphephabhuku, bane—banomsakazo, ithelevishini. Ngivele ngihambe nje ngedlule futhi ngizame ukumelela iNkosi uJesu. Abantu bayakubona, bayakukholwa, bayasinda. UNkulunkulu uyakwazi, yilokho konke okubalulekile. Niyabo? Asi, thina asi... Angeke kube nomlando obhaliwe. Ungakhathazeki ngalokho. Asizukuba bikho isikhathi sokubhalwa komlando. Ngiyakholwa uJesu uyeza. Lokho, ngiyakukholwa. Futhi ngifuna ukuphila namhlanje sengathi Uzofika namuhla noma kusasa. Qhabo hhayi izikole ezinkulu kakhulu, nokunye nokunye. Senzani ngalezozinto, bese-ke sishumayela ukuthi uJesu uyeza na? Ngani, imisebenzi yethu uqobo ifakaza ngokuphikisana nathi. Kulungile. UJesu uyeza, asibe, senze ibandla likulungele! Asizilungiselele. O, ngiMthanda kanjani!

39 Asikhothamise amakhanda ethu manje senzele izwi lomkhuleko. O, ngithanda kanjani ukubona abantu lapho ngenhlonipho yokuzithoba bekhothamisa amakhanda abo. Manje asihlale sithule okwesikhashana, futhi sitadishe. Manje sifuna ukuthatha isikhathi sethu. Kusasa yiSonto, isabatha, usuku lwesabatha lwamaKristu. Futhi angifuni nibe leyithi esikoleni sangeSonto, nakuba singafuni ukuphuthuma ngalezizinto.

40 Cabanga manje, "Nkosi, yisifiso sami enhliziyweni yami kulobubusuku ngokwentando yaKho na?" Uma kuyiso, khona-ke ucabanga ngaso. Khona-ke uma ucabanga ngaso, isifiso sakho, futhi usihlole ngohlelo lukaNkulunkulu. Uma kubonakala kulungile nje ngokohlelo lukaNkulunkulu, khona-ke ngifuna ukuba uphakamisele isandla sakho kuNkulunkulu, futhi uthi, "Nkulunkulu, ngikhumbule, yilokhu engikudingayo." Cabanga nje kanzima ngempela. UNkulunkulu akubusise. Kuhle. INkosi ikubusise. Lokho kuhle. Qhubeka nje uphakamise isandla sakho. Uzibona zonke. Wazi izinto zonke. Lokho kuhle. UNkulunkulu anibusise. Amen. INkosi ibusise. Lokho kuhle. Yiba ulokhu ucabanga, uphakamisa isandla sakho. Manje ngibheke isandla ngasinye njengoba siphakama. Kulungile. Lokho kuhle.

41 Baba waseZulwini, siyeza manje, siyasondela futhi kuleloGama elenele konke leNkosi uJesu, phezulu esiHlalweni sobukhosi soMusa. Njengoba imbongi yathi, "Makuthi mina esiHlalweni sobukhosi soMusa, ngithole ukukhululwa okumnandi." Futhi, Nkulunkulu, izinhliziyo zabo zikhathalele okuthile. Futhi bavumele manje, esiHlalweni sobukhosi soMusa, bathole ukukhululwa uNkulunkulu abakhululela khona, iNyanga enkulu, nokukholwa kwalokho abakudingayo.

42 Ngiphakamise izandla zami zombili. Nginezidingo. Ngikhumbule, Nkosi.

43 Khumbula bonke lababantu lapha ukuthi lamaduku abamele. O, bungene kanjani ubufakazi ngenxa yalezizinto. Inhlonipho. Le ngaphandle ngale kwalamagquma esihlabathi lapha, ndawo ndawo, omama abagulayo, obaba, izingane ezincane, abantu esibhedlela, ubabayi omdala oyimpumputhe ehlezi emuva egumbini elincane nenduku yokuqhugela emhlophe esandleni sakhe, elindele ukubuya kwalamaduku. Nkulunkulu, yiba nomusa. Siphe, Nkosi, ukuthi noma ngubani abekwa phezu kwakhe, kwangathi isitha singalahlekelwa amandla aso namandla okuqina, kwangathi bangahamba futhi baphulukiswe. Nakhu okukodwa okubhalwe kwanquma lapha, "umdlavuza." Makuthi lowodeveli abadedele, Nkosi. Kwangathi uMoya oNgcwele, njengoba uNkulunkulu ebuka phansi ngeGazi leNdodana yaKhe uQobo eyafela lenhloso, kwangathi ukubuyisana okukhulu kunganela kulobubusuku, nokukholwa kugeleze ngobuningi phezu kwabo, futhi kwangathi . . . noma

ngobuningi, ukuthi bangahle bemukele ukuphulukiswa kwabo. Siphe khona, Nkosi.

44 Busisa iZwi laKho manje. Siza inceku yaKho, sigcobele inkonzo. Gcoba yonke inhliziyo ezwayo. Futhi sizokhuluma nje manje, Baba. Sitshele ukuthi sithini, futhi sitshele ukuthi senzeni. Silindele Wena ukuba ube nathi emhlanganweni.

45 Ngiyakubonga ngamaculo amnandi kulobubusuku, lawomahubo amahle. Lensizwa emuva lapha, uMfowethu Heimer, ucule lelohubo elimangalisayo, *UmGalile*. Kwangathi lowoMfokazi waseGalile angangena manje kulobubusuku. Kwangathi singezwa iphimbo laKhe lisho engqondweni ekhathazekile, njengoba Enza emanzini ayezanyazanyiswa, "Ukuthula, unganyakazi." Futhi kwangathi yonke inhliziyo ekhathazekile ingaphulukiswa. Sikucela eGameni likaJesu. Amen.

> *Futhi* yena *waqamba igama lendawo ngokuthi uJehova-jira: njengalokhu* kulotshiwe, *Entabeni yeNkosi kuyakubonelelwa.*

46 Manje sifuna ukuqala ngalomlingiswa omkhulu. Futhi kusasa…Manje, uma iNkosi ithanda, sizozama ukufika ekugcineni ngo-Abrahama kulobubusuku. Futhi kusasa, mhlawumbe indikimba ekuphulukiseni kukaNkulunkulu.

47 INkosi ibe yinhle kithi lapha. Kade sizwa ubufakazi balezozinto ezenzekile. Futhi ngijabule kakhulu! Futhi sibe nobusuku obubodwa, umugqa womkhuleko ophelele, noma ngababiza. Futhi bekungekho noyedwa obuthakathaka esimbonile esakhiweni, esihlalweni esinamasondo, noma kuphi, ngaphandle kwalowo obemile, ehamba ezungeza, ehamba.

48 Futhi manje ubusuku ngabunye uMoya oNgcwele ufikile wangena ebucwazicwazini baKhe, eBukhoneni obunesithunzi, futhi uphumile wadabula ezethamelini, ezimemezela Yena uqobo, ukuthi Ulapha. Khona-ke, besifanele siMkholwe. Niyabo, Ufuna niMkholwe. Ukuhlonipha okuphakeme kunakho konke obungakhokhela ngakho uNkulunkulu ukuMkholwa. Ufanele ukholwe. "Lowo oza kuNkulunkulu kumele akholwe ukuthi Unguye." Futhi manje Mkholwe!

49 Futhi njengoba ngithatha u-Abrahama, uhambo, kungenxa yokuthi nje ngizama ukwakha ukukholwa ngenzele uvuthwondaba olukhulu, ukuvumela abantu babone ukuthi bangobani.

50 Leyo yinkathazo. Ngithola izigaba ezimbili zabantu, njengoba ngihamba. Esinye sazo ipentecostal, esinye oqavile womsuka. Manje, oqavile womsuka ngokwendawo uyazi ukuthi bakuphi, ukuthi bayini, kodwa abanakho ukukholwa ngakho. Ipentecostal inokukholwa, kodwa abazazi ukuthi bangobani. Manje, kufana nje nendoda enemali ebhange, kodwa ayikwazi ukubhala isheke; kanti enye ingalibhala isheke, futhi ayinayo

imali ebhange. Uma ubungavele nje ubahlanganise ndawonye, okuthize bekuyokwenzeka. Uthola ukholo lwepentecostal nemfundiso eqavile, uma ungake...noma phakathi kokuthi uthola imfundiso eqavile nokholo lwepentecostal, into ethize izokwenzeka. Kunjalo.

51 Manje, ngingathanda kanjani ukunikeza ubufakazi lapha, ngenkathi ngibone, isikole samaLuthela, amakhulu amane amukela uMbhaphathizo kaMoya oNgcwele ngenkathi ngisakhuluma nabo ngawo. O, he, kwakungukubonakala okukhazimulayo, ukubazisa lokho. Abasibo, ngoba bangamaLuthela, ababalelwa ngaphandle.

52 Akukho lutho olumelene namaLuthela, amaBaptisti, amaMethodisti, noma ngabe uyini, iKatolika. Angimelene nalezozinto. Angimelene nalabobantu. Inqubo ebabambayo, yilokho engikhuluma ngokumelana nakho. Akukho lutho ngokumelana nomuntu ngamunye, bonke bangabantu uKristu abafela; iKatolika, umJuda, noma ngabe angaba yini. Yinqubo. NjengokaMohamende, amaSikh, umJain, noma kungaba yini, yinqubo. UBuda yinqubo, niyabo. Hhayi abantu aba—abakhonza uBuda; yinqubo ebadonsayo ibasuse.

53 Leyo yinto efanayo. UJesu wayengamelene nabantu. Wabafela. Kodwa lezozinqubo ezaziMvimbela, zibavimbela kuYe. Yileyonto manje.

54 Manje ngicabangile, ekuthatheni u-Abrahama, ngazi ukuthi kwakuku-Abrahama isithembiso esanikezwa, neNzalo ka-Abrahama emva kwakhe. Manje ake sihambe sibuyele emuva kancane futhi sithole isendlalelo, futhi size kulobubusuku endikimbeni ngqo manje okwesikhashana.

55 Namakhadi omkhuleko azonikezwa kunoma ubani ofuna ukukhulekelwa. Futhi thina, uma ungabatholi bonke kulobubusuku, sizobathola kusasa. Futhi noma ngubani ofuna ukukhulekelwa ufanele abe nekhadi lomkhuleko. Futhi ube lapha ligamenxe elokuqala kusasa, ukuzothatha ikhadi lakho lomkhuleko, ngoba sifuna ukuqala umhlangano ngaleyonkathi. Futhi sizokhulekela wonke umuntu ophethe ikhadi lomkhuleko kusasa. Besizama, ebusuku, ukuthola labo abangenawo amakhadi omkhuleko, ukuze labo abanamakhadi omkhuleko bezoba nenhlanhla yokuba semgqeni womkhuleko. Futhi abanye babizwe ngaphandle lapho, ngaphandle kwamakhadi omkhuleko. Lokho kuzithola zombili, izinhlangothi zombili. Ikhadi lomkhuleko alisho lutho. Kodwa unika umuntu ikhadi lomkhuleko, kukhona cishe amaphesenti angamashumi amane okuphulukiswa khona lapho, nguwena ucabanga ukuthi uyeza wedlula emgqeni; into ethize angayibamba, into ethize angayibuka, noma into ethize. Futhi u—umfana uzokhipha amakhadi omkhuleko kusasa ligamenxe elokuqala, ngakho-ke

angahle abe esengasekho ngelesibi nqo, ngakho konke okwezi— okwezifundo zosuku bayakuthola.

56 Futhi nina enifuna isithombe, incwadi, noma iteyipu, nifanele niyithole kulobubusuku. Akuthengiswa ngeSonto; asikuvumeli lokho, ukuwathengisa. Siyalihlonipha iSonto, ungathengisi nhlobo ngeSonto. Futhi lezizincwadi nezinto, aziyilutho kimi, ziyizincwadi abantu abazibhalile ngenkonzo yami. Izithombe lezo i-American Photographer Association yathatha isithombe, futhi singeseDouglas Studio, ilungelo lomthetho. Incwadi ekaMfowethu Gordon Lindsay noMfundisi wasemasosheni uJulius Stadsklev. Siyazithenga futhi sizilethe emhlanganweni, bese sizidayisa cishe ngalokho esizithole ngakho, futhi silahlekelwe kuzo. Futhi sihlale sisho lokhu, uma noma yini . . . Ngibatshelile abantu abadayisa izincwadi, "Uma owesilisa noma owesifazane ekhuphukela lapho, umuntu ozihluphekelayo, akanamali yokuthenga leyoncwadi; banikeze, noma kanjani. Futhi sizo . . . ngizobona ukuthi lokho kuyanakekelwa." Futhi uma unencwadi futhi ayikufanele lokho efanele ibe yikho, ibuyise. Akusoze kwaba neyodwa ezobuyela mahhala kodwa ukukubuyisela imali yakho, niyabo. Kuyinto ethile nje yokusiza ukukholwa kwakho. Yilokho kuphela esizama ukukwenza ngakho, noma besingeke sikuvumele ukuthi kube lapha. Kunjalo impela. Ngakho-ke manje kulobubusuku, khumbulani, zizobe zisesitendeni sezincwadi. Umngani wami olungile, uMnu. noNkk. Wood. Ngifisa sengathi benginesikhathi ukunitshela ubufakazi babo, bokuthi indodana yabo yaphiliswa kanjani uvendle. Nezinye izinto eziningi ze— zenzekile, kwabantu abalapha emhlanganweni.

57 Manje asendlalele u-Abrahama. Okokuqala, uNkulunkulu wahlangana no-Abrahama, ngokungenambandela, isivumelwano Asenza no-Abrahama. Kungekho lutho nhlobo; u-Abrahama wayengenakwenza lutho ngaphandle kokukholwa nguNkulunkulu. Isivumelwano sasingobumsulwa ngomusa, futhi akunambandela. Hhayi ukuthi "uma uthanda." UNkulunkulu wathi, "Nginakho!" Futhi manje wonke umuntu . . .

58 Khumbulani, yonke iNzalo ka-Abrahama eyake yeza kuNkulunkulu, iza ngendlela efanayo. Akukho lutho ongalwenza! Angeke uzisindise kungengaphezu kokuthi ungathatha amabhande ebhuzu lakho futhi uqxume ngaphezu kwenyanga. Angeke uzisindise. Akekho umuntu owake wafuna uNkulunkulu; nguNkulunkulu ofuna umuntu. "AniNgikhethanga," kwasho uJesu, "Nganikhetha."

59 Okokuqala, manje, ubungaphumela lapha futhi utshele ingulube ukuthi inephutha, idla ingxavungxavu na? Izokutshela ukuthi unake izindaba zakho. Kodwa bekuzodingeka ithathe okuthile obekungashintsha imvelo yayo, ukuyenza iqonde

ukuthi inephutha. Into ethile kumele yenzeke engulubeni, kuqala.

60 Yingalesosizathu lowo ozibiza ngamaKristu izikhathi eziningi bezibhixa odakeni, emuva esonweni, yingoba... Ungayigeza ingulube, futhi upende izinzipho zazo, ufake okokugcoba izinzipho odebeni lomlomo. Lokho, lokho akulungile, noma ngabe kuyini. Upende obomvu wezihlathi odebeni lomlomo, akusikho, noma okuthile na? Ngiyakuthola lokho, zonke lezozinto, zixutshiwe. Niyazi ukuthi kuyini, nokho. Ufaka ingulube endala yensikazi kulowopende obomvu wezihlathi odebeni lomlomo futhi—futhi, niyazi, wenze yonke eminye imisebenzi kuyo, futhi izohamba iqonde ngqo ekuzibhixeni, futhi iphinde izibhixe. Ngani na? Iyingulube, kwasekuqaleni. Indlela kuphela oyoke uyenze yehluke, ngukuguqula imvelo yayo.

61 Yileyondlela kuphela ukuthi owesilisa noma owesifazane angake ahambisane noNkulunkulu, ukuguqula imvelo, umhlanze, afe esonweni somuntu omdala, futhi aphinde azalwe kabusha ngoMoya kaNkulunkulu. Futhi, okungukuthi, uKristu unguMoya kaNkulunkulu, futhi uKristu uyiZwi. Khona-ke kufakazisa iZwi. Yileyondlela kuphela abayoke bayenze.

62 Manje, u-Abrahama wayefuna uMuzi OMakhi noMenzi wawo kwakunguNkulunkulu. Futhi namhlanje siyizihambi, abafokazi, sifuna uMuzi OMakhi noMenzi wawo nguNkulunkulu. Bukani! U-Abrahama, ngaphambi kokuba aze azi, kwakukhona into efana nokuzibonela ngokwemvelo kuye, ukuthi wayebuke eMzini.

63 Namhlanje, ngedlula ezansi nonkosikazi, bengithi, "Indawo encane ethandekayo lapha ehlezi egqumeni, mhlawumbe iminyaka engamakhulu amathathu edlule; ihlathi elihle, imithi yokwakha izindlu emikhulu ephakeme. Indoda iyangena, iwanqumela phansi, ingcolisa imifudlana. Bekungaba yindawo enhle yokuhlala lapha." Ya, kodwa uyabuka, wakha izindlu. Khona-ke baqala ukwanda. Isono nodlame kuqala ukungena. IHollywood iyangena isondela kuye, yakungenisa ngebhayisikobho, ngethelevishini. Nge...Futhi manje sekungokonakele, kugcwele isono, onke amadolobha!

64 Futhi ngempela, njengabantu, okuthile okukubo kuthanda ukuhlala ndawonye, kumakhelwane, futhi babengabalungileyo. Ngempela kukhona uMuzi ndawo ndawo! Utwa lubizana noTwa futhi!

65 Futhi u-Abrahama wabona imizi yosuku lwakhe, i-Uri yaseKalideya. Futhi wayekwazi lokho ngoba kwakukhona okuthile kuye okubizayo, kwakukhona uMuzi owawehlukile, OMakhi noMenzi wawo kwakunguNkulunkulu. Futhi uNkulunkulu wakubona lokho ku-Abrahama, wamtshela, "Zehlukanise manje, phuma."

66 Manje, u-Abrahama, into eyodwa engifuna niyiqaphele, walalela iZwi likaNkulunkulu ncamashi.

67 Khumbulani lokho njalo! Lowo nguMlayezo wami. Nifanele nilalele iZwi. Futhi nazi noma yini ephikisana naLo, iyeke. Kungahle kubukeke kahle, kepha ungazindli ngokumelana neZwi likaNkulunkulu.

68 Leyo yinto yokuqala uSathane ayenza, kwakungukuzindla ngokumelana neZwi likaNkulunkulu, ku-Eva. Futhi akaLingabazanga neze. Wavele wazindla nje. USathane waLizindla.

69 Futhi yileyondlela abenza ngayo namhlanje. "Akusiwo yini umqondo omuhle ukuthi sifanele senze *lokhu* na? Akusiwo yini umqondo omuhle na?" Uma kumelene neZwi likaNkulunkulu, kuyeke kanjalo! Yiphimbo likaSathane.

70 Makuthi iZwi, uma iZwi likuwe. . . "Uma nihlala kiMi, iZwi laMi likini, khona-ke celani enikuthandayo." UMoya oNgcwele! "Nina hlalani kiMi, iZwi laMi kini," lelo yiZwi elenziwe inyama, "celani enikuthandayo futhi kuzokwenziwa." Yileyondlela. Susa zonke izivumokholo, zonke izinto zisuke, futhi ubambelele eZwini ngoba linguKristu. Qaphelani, khona-ke lizozibonakalisa qobo lwalo.

71 Omunye wathi, "Mfowethu Branham, uzazi kanjani lezozinto. Kanjani na?"

72 Lokhu enikubonayo lapha emhlanganweni yizinto eziyimfundamakhwela. Noma ngubani ohamba nemihlangano lapha, uyazi. UMoya oNgcwele wembula izinto eziza emavikini nezinyanga phakathi kwesikhathi. Futhi buza noma ubani, "Sekwake kwehluleka nakanye na?" Angeke kwehluleke, niyabo. "Ukwazi kanjani na?" Ngoba yisithembiso seZwi, futhi ihora selilapha. Kuzofanele kufezeke. Manje, angazi, kuzoba nabambalwa kakhulu, abancane ngesibalo bazolikholwa, kodwa kuzofanele kuphume ngokufanayo. Futhi senake naqaphela, kuhamba ngqo phezu kwekhanda labantu, futhi kwedlula futhi kwenziwa ngaphambi kokuba bakuqonde. Kuhlala kungaleyondlela.

73 Kini bantu abangamaKatolika, niyazi ukuthi ibandla lenu lenzeni na? Ngoba uJoan wase Arc wayengo—ongcwele wangempela kaNkulunkulu, wenza izimangaliso zikaNkulunkulu, waprofetha ngoNkulunkulu. Futhi nambiza ngomthakathi, futhi namshisela esigxotsheni; futhi yena ekhalela umusa, futhi namshisela esigxotsheni. Emakhulwini eminyaka kamuva, nabona ukuthi naninephutha, khona-ke namenza ongcwele. Wedlula ngaphezu kwenu ngqo, futhi animazanga.

U-Eliya wadlula, abamazanga. "Uwaka omdala!"

74 UKristu wadlula, abaMazanga emva kokufa kwaKhe, ukumbelwa, nokuvuka. UNkulunkulu uhlela lokho. Futhi ngokoqobo kudonsa uvolo ngaphezu kwamehlo ongakholwayo. Futhi kwakhombisa . . . Wathi, "Ngikufihlile emehlweni abahlakaniphile nabanokuqonda, futhi ngakwambulela izingane zona ezizofunda." UKristu wabonga uNkulunkulu ngokwenza lokho. Niyabo?

Zithobe. Kukholwe. Hlola iZwi.

75 UJesu wathi, "Hlolani imiBhalo, ngokuba kuyo nicabanga ukuthi ninokuPhila okuPhakade, futhi yiyo efakaza ngaMi. Benifanele nilazi ihora." Washo, watshela abaFarisi, "Nina bazenzisi, niyakwazi ukuhlukanisa ubuso besibhakabhaka. Kepha izibonakaliso zesikhathi, anikwazi ukuzehlukanisa ngokuzibona. Ngokuba ukuba beningazi Mina, beniyolwazi usuku lwaMi." Kwedlula phezu kwabo ngqo, abakwazanga kwaze kwahamba kwedlula. Qaphelani manje iZwi lingelibaluleke kakhulu!

76 Futhi qaphelani okunye, ngenkathi sisekukho, uLoti. UJesu washo, qobo lwaKhe, "Khumbulani umkaLoti." Uma iZwi lingabalulekile kakhulu, uma ukuzindla kulungile; ngenkathi leyoNgelosi yathi kuLoti nomndeni wakhe, "Yanini eZowari, kodwa ningabheki emuva!" Futhi umkaLoti, entweni encane eyize njengokuphenduka futhi abuke emuva, kodwa kwakuphambene neZwi, waphenduka isiduli sikasawoti.

77 Khona-ke wena uthi, "Ukutshela abesifazane ngokugunda izinwele zabo, ukugqoka izingubo . . . ?" UNkulunkulu washo ukuthi ungakwenzi! Landela iZwi. ULoti waye, akungabazeki, unkosikazi omuhle, kodwa akawulandelanga uMyalo eZwini. ULoti! U-Eva wayengowesifazane olungile, kodwa akawulandelanga uMyalo eZwini; wavele nje wazindla kancane ngawo.

78 "Akusiwo yini umqondo omuhle, Mfowethu Branham, ukuthi sifanele senze lokhu na? Ngiyisakhamuzi saseMelika, ngi—nginelungelo lokwenza noma yini engifuna ukuyenza. Yilungelo lami laseMelika." Yilungelo lakho laseMelika, kodwa hhayi ilungelo lakho lobuKristu. Ngokuba, ngomKristu, uyimvu; futhi imvu ilahlekelwa amalungelo ayo. Ilala ithule futhi ikuvumele ukuthi uthathe kuyo onke amalungelo enawo. Kodwa imbuzi izokhahlela isivunguvungu ngakho. Kunjalo. Kodwa imvu ilahlekelwa amalungelo ayo. Futhi umKristu uhlala njalo elahlekelwa amalungelo abo obuzwe uma kuphambene namalungelo akho obuKristu.

79 UmkaLoti wamane wabheka emuva, [UMfowethu Branham ushaya umunwe wakhe—Umhl.] kwaba yilokho! Manje lokho kwenzeni na? Kuyasitshela lapha ku-Abrahama, noLoti, ukuthi into ababeyibeka lapho, isibonelo. Futhi asikwazi ukusuka kuyo.

80 AmaHeberu, isahluko 11, athi, "Lezizinto zazingezesibonelo sethu. Lokhu sinefu elikhulu kangaka lawofakazi elisihaqileyo. Sifanele sibeke eceleni sonke isono." Yini isono na? Ukungakholwa! "Sonke isono, konke ukungakholwa eZwini likaNkulunkulu, okuthandelayo kalula kangako kithi."

81 Siyenyuka simelane nento ethile, sithi, "Awu, bashumayela *lokho*, ukuthi *lokho* kwaku . . . " Ungakwenzi lokho! Wenza nje lokho uNkulunkulu athe kwenze. Hlala naKho, ncamashi!

Uthi, "Akwenzi mehluko."

82 Kulungile, into ukuphela engingayisho yilokho okushiwo yiZwi. Futhi uJesu ngokuqinile washo ukuthi, "Khumbulani umkaLoti." Wamane nje wabuka phezu kwehlombe lakhe. U-Eva wamane nje wama umzuzwana. Yilokho kuphela akwenza. UmkaLoti wavele nje wabuka emuva. Futhi uma . . . uNkulunkulu waphendula leyondoda elungile, uLoti, umkakhe, esidulini sikasawoti, ngento nje encanyanyana, ukungalaleli nje iMiyalo yaKhe kwanele nje ukubuka emuva bese ubona ukuthi wonke lowomlilo wawumayelana nani, futhi waphenduka isiduli sikasawoti, futhi umile lapho nanamhlanje njengesibonelo sokuthi uNkulunkulu uqonde lokho Akushoyo.

83 O, uma ukukholwa kwangempela kungagxilisa okwehange kubantu! "Ukukholwa kufika ngokuzwa, ukuzwa iZwi likaNkulunkulu."

84 U-Eva wama umzuzwana. Yilokho kuphela ayefanele akwenze. USathane wayenaye embambile, futhi nje wakuxoxisana naye. "Akusiwo yini umqondo omuhle na? Uma uDadewethu *S'bani-bani* engenza lokho, angeke ukwenze, nawe na? Ungumka melusi." Angindaba ukuthi yena owesifazane ungubani, noma ukuthi yena owesilisa ungubani. Uma kuphambene neZwi, ungakulaleli. Hamba ngqo uqhubeke! Izibonelo!

85 Yileyondlela u-Abrahama enza ngayo. Kungakanani ukuzindla ocabanga ukuthi i—isayensi yezokwelapha eyayingamnika khona, kwalolosuku, ukuthi wayengezukuba nayo leyongane na? Futhi kuthiwani lapho wayeneminyaka engamashumi ayisikhombisa nanhlanu na? Khona-ke simthola lapho eseneminyaka eyikhulu, wayesalokhu ekukholwa ngokuqine kakhudlwana kunoma enza endaweni yokuqala, waba neminyaka engamashumi amabili nanhlanu ukuqhubeka akha okuningi ukukholwa kukho. Ngiyakuthanda lokho. Yebo, mnumzane.

86 Khona-ke ngifuna ukuletha ukunaka kwenu kwenye into ethize ngaphambi kokuba sisukume. Niqaphelile na? Ngi—ngiyethemba ukuthi nikutholile. Kuleso sivumelwano siqinisiwe, ngokubhala leso sivumelwano nokusidabula asehlukanise phakathi, nikutholile na? Phakamisa izandla zenu uma nikutholile, nitholile ukuthi kwakusho ukuthini.

Isivumelwano sabhalwa, sadatshulwa, uNkulunkulu ethatha ukubonakaliswa kukaziqu-zintathu, ekwenza kube kunye; ukukudabula kwehlukaniswe phakathi, ukukhuphulela umzimba kweliPhezulu, nokuthumelela uMoya oNgcwele emuva ukuba uhlale eBandleni, ukuveza into efanayo lokho lowomzimba owakuveza, njengenkosikazi, uMlobokazi; uMoya ofanayo, umsebenzi ofanayo, iMfundiso efanayo, yonke into ngendlela impela nje Ayenayo ngakho, isibonakaliso esifanayo, "UJesu Kristu onguye izolo, namuhla, naphakade." Qaphelani!

Kungahle kube, kungaba, umJuda ohlezi lapha.

87 Niyabo, uNkulunkulu uyazenza lezozinto, futhi kuyahamba kuqhubeke phakathi kwabantu futhi nokho abakutholi.

88 Njengokuthi bengichaza ukuthi kungani abesifazane bemboza ubuso babo lapho beshada. Kungani na? Bangahle bangakuqondi lokho. Kepha lokho abakwenzayo, kungukuthi, bayazi ukuthi bangumzimba, abanakhanda, indoda iyikhanda labo. Yingalesosizathu uRebeka wazemboza ngeveli. Futhi yingakho iBandla belifanele lizemboze futhi lizinikele kuKristu, ngoba UyiNhloko, futhi UyiZwi.

89 Manje, umJuda, uYom Kippur, lapho bethatha isidlo, noma iPhasika, noma ngubani uyazi, lowo ngumJuda, futhi uyazi ukuthi ngaphansi kwesivalo kungucwezu oluhleshuliwe lwesinkwa ikhosha. Futhi akekho umJuda engimaziyo, engake ngakhuluma naye, ongachaza ukuthi kungani lolocwezu oluhleshuliwe lwesinkwa ikhosha. Ngani, lapha kusekuqiniseni kwesivumelwano, umzimba ophukile kaKristu, ngenkathi Ehlukanisa uNkulunkulu kumuntu; Wayeyikho kokubili uNkulunkulu nomuntu. Futhi ngenkathi Enyusa uMoya... NoJesu washo, lalelani, "Ngalolosuku niyokwazi ukuthi NgikuBaba, uBaba kiMi; Mina kini, nani kiMi." NguNkulunkulu kubantu baKhe! UNkulunkulu ofanayo!

90 Wayemelelwe lapho, lapho besikhuluma khona izolo ebusuku. UNkulunkulu wehla, usonhlamvukazi N-k-o-s-i, uJehova-Jira, uJehova-rafa, uJehova-manase, u-Elohim, Onele konke, Onamandla, Onamabele, zonke iziqu zaKhe nakho konke, kwabonakaliswa emzimbeni womuntu odla ukudla komuntu, futhi wanyamalala emehlweni abo. UNkulunkulu!

91 Futhi uJesu, lapho Efika, Wathi, "Njengoba kwakunjalo ngalolosuku, kuyoba njalo." UNkulunkulu!

92 Leso yisinkwa ikhosha esihleshuliwe ngaphansi kwesembozo, ucezu oluhleshuliwe; hhayi lokho abakuthathayo, kodwa Lokho okuhleshuliwe. Kungani bengakuqondi na?

93 Indlela efanayo ngenkathi uJesu ecosha a—amaphepha esikhumba okulotshwa kuwo futhi uqala ukufunda. Wafunda ingxenye yevesi, wase elishiya, lonke, ngoba kwakungelaKhe nje ngalolosuku. Ivesi lonke liphathelene nokuFika kwaKhe kwesibili.

94 Yingalesosizathu amaJuda engakuqondi lokho, ngenxa yokuthi ayedingeka aphuphuthekiswe. Awambonanga uMesiya wabo, futhi nokho Wayelapho. Futhi isikhathi ngasinye ayethatha iPhasika lawo—lawo, naso isinkwa ikhosha esihleshuliwe futhi, futhi engasazi.

Ngabuza urabi. Wathi, "Sifundiswe ukwenza lokho."

Ngathi, "Ukwenzelani na?"

Wathi, "Angazi. Akekho omunye owaziyo."

95 Niyabo, owesifazane umboza ubuso bakhe, nokho akaqondi. Esikhundleni sokungena futhi avumele umyeni wakhe abe yinhloko yakhe, uyinhloko yendoda. Leyo impendukezelo. Manje leso yisimo sokuziphatha saseMelika.

96 Kodwa yilokho, isinkwa ikhosha esihleshuliwe. Khona-ke futhi siyaqaphela, futhi bengifuna ukuphawula lapha, esendlalelweni manje ngaphambi kokuba sehlele engxenyeni yangempela esifuna ukukhuluma ngayo kulobubusuku.

97 Izolo ebusuku niyakhumbula ukuthi ngenkathi u-Abrahama, isivumelwano senziwa no-Abrahama neNzalo yakhe emva kwakhe. Manje, kwakukhona inzalo yemvelo ka-Abrahama, ngesenzo sokukholwa saveza lokho; kodwa iNzalo yangempela ka-Abrahama kwakunguKristu, iBhayibheli . . . okwakuyiNzalo yasebukhosini ka-Abrahama. Manje qaphelani.

98 U-Abrahama, ngaphambi kokubhujiswa ngomlilo osukwini lwakhe, kwakukhona isibonakaliso esenziwa ku-Abrahama, iqembu laKhe elikhethiwe. Futhi lokho kwaku, uNkulunkulu wehlela phansi esimweni somuntu, efulathele ithende ngomhlane waKhe kusuka lapho uSara ayekhona, futhi washo lokho uSara ayekusho ethendeni. Futhi uJesu uyafika futhi washo into efanayo ezobakhona ekupheleni konyaka. Manje, lowo kwakungu-Abrahama.

99 Bese kuthi-ke inzalo yakhe yemvelo, lapho uMesiya efika. Futhi uSimoni weza kuJesu, futhi Wamtshela ukuthi igama lakhe kwakunguSimoni, futhi wayeyindodana kaJonase, azi imfihlo yenhliziyo yakhe. Watshela uFiliphu . . . noma uNathanayeli, uFiliphu amthola, "Ngakubona ngenkathi ungaphansi komuthi." Watshela owesifazane emthonjeni, "Ubunamadoda ayisihlanu"; futhi wathi, "Mnumzane, ngiyabona ungumprofethi Wena." Niyabo, ukuphela kwenzalo yemvelo ka-Abrahama yathola lesosibonakaliso.

100 Futhi kwabikezelwa ngeNzalo yasebukhosini Yona uqobo, uKristu, ukuthi iNzalo yasebukhosini, ekupheleni kwezinsuku zayo, iyothola into efanayo. Manje ngiyethemba siyakuthola.

101 Wamshintsha. Qaphelani, uNkulunkulu walishintsha igama lika-Abrahama. Kungcono ngikushiye lokho. Uma ngibuyela imvuselelo ende, sizongena kulokho. Wadingeka alishintshe

igama kusukela egameni lakhe lasemhlabeni, kuya egameni alinikezwe nguNkulunkulu.

102 Wena uthi, "Liphathelene nani igama lomuntu na?" O, mfowethu, ukuba kuphela ubuwazi! Ngani, amanye alamagama esimodeni esinawo! Angifuni ukuwabiza, ngoba kuzolimaza umuzwa wenu. Kodwa uNkulunkulu unamagama achaza izinto, kushintsha yonke imbangela. O, uthi, "Umbhedo!"

103 Kuthiwani ngo—kuthiwani ngoJakobe na? Ngaphambi kokuba abe yinkosana ngaphambi kukaNkulunkulu, kwakufanele igama lakhe lishintshwe lisuka kuJakobe libe ngu-Israyeli. Ngabe kunjalo na? Impela. UPawulu; uSawulu kwadingeka ukuthi igama lakhe lishintshwe libe nguPawulu. O, bangaki ebesingababiza, futhi sisho ukuthi uNkulunkulu washintsha igama labo! U-Abrama waba ngu-Abrahama, uSarayi waba nguSara, eshintsha amagama abo. O, he! Isibusiso esinjena pho, ukungena ebandleni elithile elincane neqembu elikhethiwe, nokuyofundisa lokho, ukubona ohaleluya enhliziyweni, uma ubona okwenziwa uNkulunkulu.

104 Manje, izolo ebusuku bengichaza ngoku "funda ivaliwe" no "kukuqinisa." Ngifuna nje ukukushaya futhi ngaphambi kokuba ngiye endikimbeni yami. Ukuthi, uNkulunkulu waguqula u-Abrahama ukusuka ekubeni yindoda endala enemibimbi, yena noSara, babuyela emuva ekubeni yizithandani ezisencane, waguqula ububona ngokomzimba ngaphambi kokuba bakwazi ukwemukela indodana ethenjisiwe. Isibonakaliso sokugcina abasithola kwakungukubonakaliswa kukaNkulunkulu enyameni, wayengafunda inhliziyo yowesifazane osemuva kwaKhe, ethendeni. Futhi into elandelayo yayingukuthi imizimba yabo yaguqulwa. Manje, izolo ebusuku bese ngiba leyithi, futhi bengingezwa abanye bezibuza ngalokho. Ngisafuna futhi ukukusondeza kancane.

105 Manje, ubufakazi bakho kwakungukuthi, ngenkathi bobabili bethathe lolohambo olude kangako, babeguquliwe ngokuphelele. NeBhayibheli lathi, "Bobabili base begugile ngeminyaka. Nomzimba ka-Abrahama wawusufana nofile, nesibeletho sikaSara sasifile." Ngabe bekunjalo na? Siyazi babefile, kodwa uNkulunkulu wabaguqula. Manje ukukufakazisa kini, ukuthi Wakwenza. Okokuqala, kungani lowomFilisti (noma hhayi u. . .), yebo, ngikholwa ukuthi kwakuyinkosi yamaFilisti, yathandana noSara, isalukazi na? Futhi yena wayebukeka emuhle kakhulu.

106 Enye into. Ngenkathi u-Isaka esezelwe, futhi uSara no-Abrahama sebegugile, sebelungele ukufa, khona-ke baphila, futhi u-Isaka waganwa lapho eseneminyaka engamashumi amane ubudala; uSara wafa. Futhi u-Abrahama washada owesifazane, uKetura, futhi waba nayisihlanu, amadodana ayisithupha, ngikholwa ukuthi kwabanjalo,

ngaphandle kwamadodakazi, emva kwalokho; futhi lapha, eminyakeni engamashumi ayisithupha edlule, wayesefana nofile! K-e-t-u-r-a, uKetura. Washada uKetura, eminyakeni engamashumi amahlanu noma engamashumi ayisithupha emva kwalokho, futhi waba namadodana ayisithupha ngaphandle kwamadodakazi akhe; futhi eminyakeni engamashumi ayisithupha ngaphambili, wayesefana nofile. Haleluya! Nakho lapho okhona! Isithembiso sikaNkulunkulu siqinisile. Amen. O, ngiyaKuthanda!

107 Ukufinyelela kuwe uqobo nje futhi ufunde! Namhlanje, emuva emahlathini, ngifunda, nginokuthile okuncane engifuna ukukuchaza.

108 U-Israyeli. Abantu bakaNkulunkulu ngelinye ilanga babesezansi eGibhithe, bethengiselwe ebugqilini, futhi abakwazanga ukusiza belapho. Icebo elikhulu elimiselwe ngaphambili likaNkulunkulu labathumela lapho. Wayetshele u-Abrahama ukuthi bayogogobala ezweni labeziwe iminyaka engamakhulu amane. Futhi lapho bafana nabobonke abantu, futhi babeyizigqila. Uma i—uma indoda yaseGibhithe yayifuna ukudlwengula amantombazane amancane angamaHeberu, akukho lutho olwalungashiwo. Uma befuna ukubulala izinsizwa zabo, bazibulala, akukho lutho olwalungashiwo. Babeyizigqila. Babebaphosela ngaphandle isinkwa sabo esikhuntile. Bayasidla, noma baqhubeke; ukukhononda, babebulawa! Indawo enjena pho yabantu bakaNkulunkulu!

109 Kodwa ngelinye ilanga, haleluya, uNkulunkulu wakhumbula isithembiso saKhe ku-Abrahama. Udumo! Manje ngiqala ukuzwa ukukholwa futhi. Qaphelani, uNkulunkulu wakhumbula isithembiso saKhe ku-Abrahama. Futhi Wagcoba umprofethi, eneNsika yoMlilo phezu kwakhe, futhi uyafika ezansi ezweni futhi uqala ukubakhumbuza isithembiso sikaNkulunkulu esingasoze sahluleka. Futhi uNkulunkulu wayekhona ukuqinisekisa iZwi laKhe. Kunjalo. Wabatshela ngezwe elalichichima ubisi noju, uNkulunkulu wayebanike lona. Baphuma eGibhithe ngamandla obufakazi balomprofethi eneNsika yoMlilo phezu kwakhe, ngoba wayethunyiwe. Futhi uNkulunkulu wayefakazisile ukuthi Wayenaye.

110 Manje lapho befika endaweni ebizwa ngokuthi iKadeshi-barineya. Eyake yaba yisihlalo sokwahlulela somhlaba, iKadeshi-barineya. Futhi lapho babeneqhawe phakathi kwabo, eligama linguJoshuwa. Futhi igama *Joshuwa*, ngesiHeberu, lisho ukuthi "Jehova-msindisi." Futhi uJoshuwa, iqhawe elikhulu . . . Manje khumbulani, babengakaze balibone lelizwe, bake bezwa kuphela ngalo. Uyawubona umfanekiso manje na? Kuphela babezwile ngezwe. Babeshiye konke ukuba baye kulelizwe, ngoba iZwi leNkosi lalilethwe kubo, futhi laqinisa ukuthi babesendleleni yabo eya kulelizwe. Umfanekiso onje weBandla, endleleni yabo, bengazi lutho ngalo, akekho kubo owayeke

waba lapho. Kepha uJoshuwa, lapho sebesondele emngceleni, eKadeshi, isihlalo sokwahlulela, lapho ukwahlulela kwashaya u-Israyeli, kusukela kuloyo owayekade engapesheya futhi wabuya. Futhi uJoshuwa wawela iJordani, wawelela ezweni lesithembiso, futhi wabuyisa ubufakazi bokuthi laliyikho impela nje uNkulunkulu athi laliyikho. Futhi babengawanambitha amagilebhisi elalitshalwe kulelozwe elibusisiweyo.

111 Manje, babekade bethenjiswe ukuthi babengaba nekhaya lapho ababengakhululeka khona, babengakhulisa abantwana babo ngokufanelekile na—nangokwesaba uNkulunkulu, babe nebandla, nokunye nokunye. Babejabule kanjani pho ukuwelela kulelozwe bese bethola lelikhaya, besuka ekubeni yizigqila. Qaphelani. Kodwa ngenkathi sebewelele ngapesheya, baphila ukuphila kwabo, kwakuyinto enkulu. Kodwa ekugcineni amagquma aba ngacakwe ngamatshe amathuna. Baguga futhi bafa, baguga futhi bafa, abantu bakaNkulunkulu.

112 Kwase kuthi-ke ngelinye ilanga kufika elinye iQhawe elikhulu, elikhulu kakhulu kunawo onke, uJehova-Msindisi, u*Jésu*, Wafika, futhi Wathi, "KunokuPhila ngaleya kokufa! Ngokuba, ekhaya likaBaba waMi kunezindlu eziningi. Uma bekungenjalo, beNgiyakunitshela. Ngizohamba ngiyonilungisela indawo, futhi ngibuye futhi nginibuyisele kiMi." Futhi leliQhawe elikhulu lafika eKadeshi-barineya laLo, isihlalo sokwahlulela sethu sonke, iKalvari! Lapho Wazethwesa Yena ububi bethu sonke. Futhi Wawela umfula iJordani esikubiza ngokufa. Futhi ngosuku lwesithathu Wavuka futhi, njengoJoshuwa ebuya ngapesheya komfula, eletha ubufakazi bokuthi "umuntu ofile angaphila futhi."

113 Futhi Wathi, ukwenza okwakho...qiniseka ngawe, "Ngifuna nikhuphukele lapho emzini waseJerusalema, futhi nilinde lapho. Ngizoninika isibambiso saKho. Ngizoninikeza ubufakazi obubonakalayo, idiphozi." Futhi bakhuphukela emzini waJerusalema futhi balinda kwaze kwafika ukuPhila okuPhakade njengomoya onamandla ovunguzayo.

114 Futhi namhlanje, emva kweminyaka eyizinkulungwane ezimbili, sisenabo lobobufakazi obubonakalayo ukuthi sesidlulile ekufeni sangena ekuPhileni. UJoshuwa wethu ubuyise ubufakazi, futhi sisendleleni yethu ukuya kuleloZwe lesithembiso, sinambitha iziphiwo zasezulwini zikaNkulunkulu Asibuyisele zona. Qaqaphelani, kumangalisa kanjani! Buka lapho owake wabakhona. Isidakwa . . .

115 Ngihlangane nomfowethu namhlanje; waba nokuzwa okuxakile ukuba ajike ngesitaladi esithile, futhi ahambe ngendlela. Ngiyakhohlwa ukuthi bekungubani igama lendoda. Ingahle ukuba ikhona lapha emhlanganweni. Nokho, uma ingekho, ngani, uNkulunkulu wayemuhle kuyo. UyiNdiya, iNdiya ingxenye. UngowaseVirginia. UMoya oNgcwele washo

kimi, ngingakusho. Ngikhiphe umkami. Ngathi, "Yehla *ngale*ndlela, bese ujika *ngale*likhona." Ngehlela ezansi lapho. O, kuyenzeka ngaso sonke isikhathi. "Linda khona *lapha*." Khona-ke ngilinde lapho imizuzu embalwa. Wathi, "Jika ubuyele emuva *ngale*ndlela." Futhi, lapho ngikwenza, ngihlangane naye.

116 Wathi, "Mfowethu Branham, ngiyakwazi." Wathi, "Ngifika eJeffersonville ngesinye isikhathi, futhi ukuthola wena." Futhi wathi ngi . . . "Wawuphesheya kwezilwandle." Kodwa ubekade edakiwe, empilweni yakhe. Ngimbambe ngesandla, yena engazi ukuthi bengenzani. Futhi ubephethwe yisifo sokuvuvuka kwesibindi. Ngenkathi ngisamile lapho ngimbambe isandla sakhe, ukudikiza kwasuka kimi. Ini na? Uphulukisiwe. Khona lapho ekhoneni lesitaladi, bayakuzwa edolobheni lakini.

117 Angiyazi indoda ingubani . . . Ngabe ilapha na? Angazi. Uma ikhona, yona . . . a—angazi. Ithe i—ibifuna ukubuyela ekhaya. Ngicabanga ukuthi bekufanele ihambe. Ibiyi—indoda eyiNdiya, ngicabanga ukuthi yayishade o—owesifazane omhlophe. Futhi yayingeyaseVirginia. Futhi ngiyakhohlwa ukuthi igama layo ngubani. Ihlala ezansi lapha ngaseLogar noma into efana naleyo. Futhi ibisendleleni yonke iya eJeffersonville. Kodwa ibenokuzwa ukuba yenyukele ekhoneni; uMoya oNgcwele uthe, "Yehla *ngale*ndlela." O Nkulunkulu, yiba nomusa! Nakho lapho okhona.

118 Ngingathatha amahora emva kwamahora, ukunitshela izinto engizibonile zenzeke futhi zenziwe kanjalo. Ngani na? UJesu, iQhawe lethu elikhulu, waya ngaphesheya futhi wanqoba izwe, wanqoba ukufa, wanqoba isihogo, wanqoba ithuna, wavuka ngosuku lwesithathu, futhi wathi, "NginguYe owayefile, futhi ngiyaphila futhi kuze kube phakade, futhi nginezihluthulelo zokufa nesihogo." Lowo nguMnqobi, kusukela Adabula iveli laba kabili. Nango Emile!

119 Njengodade omdala olikhaladi. Ngiyaxolisa, bangani bami abangamakhaladi phakathi lapha. Wayenikeza ubufakazi emhlanganweni, futhi wayengowaseningizimu kakhulu ekukhulumeni kwakhe. Wathi, "Awu, ngifuna ukunitshela nonke okuthize kulobubusuku." Wathi, "Impela angisikho lokho ebengifanele ngibe yikho." Futhi wathi, "Impela angisikho lokho engifuna ukuba yikho. Kodwa iyodwa into engiyaziyo, angisikho lokho engangivame ukuba yikho." Ngakho wayefike ndawo ndawo!

120 Futhi ngithi, yilokho nje kulobubusuku! Ngesinye isikhathi sasilahlekile esonweni. Futhi namhlanje, ngokwemukela ubufakazi, isithembiso esibuyisiwe (idiphozithi ensindisweni yethu yaPhakade), sivukile ekufeni saya ekuPhileni, futhi siyaphila ngaphezu kwaso. Kuyoba njani lapho sithola inkokhelo ephelele, futhi siwele umfula, qobo lwethu, singene kuleloZwe elikhazimulayo na?

121 Ukunambitha okukhulu! Manje u-Abrahama, emva kwazo zonke lezizinto ezimangalisayo, wavivinywa ngemuva kokuba esemukele isibusiso. U-Abrahama wavivinywa.

122 Manje yilapho abantu abehluleka khona. Manje, lalelisisani ngempela manje, ningakugeji. IBhayibheli lasho, ukuthi, "Yonke indodana eza kuNkulunkulu imele ilaywe, ilaywe, ibhaxabulwe. Futhi uma singeke sakumela ukulaywa, siba ngabantwana besihlahla, futhi hhayi abantwana bakaNkulunkulu." Kufakazela ukuthi ukukholwa kwethu akusikho lokho ebesithi kwakuyikho, asinakho lokho ebesizisho ukuthi sinakho. Manje sehlela phansi kulokho ngempela okuhle kobuCalvin manje, ngakho-ke sifanele sikuqaphele lokho. Manje qaphelani, "Yonke indodana eza kuNkulunkulu ifanele ilaywe, ilaywe," iZwi liyayibhaxabula futhi liyisike ibe yizicucu, wayengashaya akhiphe sonke isivumokholo phansi kwakhe; niyabo, wamvivinya, futhi ukubona ukuthi uyindodana kaNkulunkulu yini.

123 Manje u-Abrahama, emva kokuba esemukele isibusiso, khona-ke kwakungemuva kokuvivinywa.

124 Siyakuphi lesosikhathi na? Angikakayi ngisho endikimbeni yami, futhi sekuyisikhathi sokuvala. Ningangibekezelela eminye imizuzu eyishumi nanhlanu na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Ngiyabonga. Hloniphani ngokuzithoba. (U-Abrahama. Bukani uNowa.) Asikuthathe nje umzuzwana. Angeke sisheshise; asikho isidingo. Futhi, he, yini esiyisheshiselayo na? Ngithi nje ukunensa. A—angifani nabanye balababafo abangeke bame, kungavele nje kuhelezise umoya usuke kanjalo. Ngi—ngi—ngiyanensa, ngifanele ngilinde aze Anginikeze khona.

125 Bukani uNowa, emva kokuba uNkulunkulu emenze ukuba ashumayele iminyaka eyikhulu namashumi amabili, phakathi ngqo nezwe elikhulu kakhulu lesayensi esinalo namuhla. O, impela, bakha izivivane. Angeke sazakha. Bakha ibhubesi elikhulu elinekhanda lomuntu eliqoshwe ngetshe. Angeke salakha. Bagqumisa imizimba ukuyeza ibukeke ingeyemvelo nanamhlanje. Asikwazi ukukwenza. Babenodayi ababengawufaka ezintweni, lowo mbala uhlala iminyaka eyizinkulungwane ezine wawungakaze ushintshe. Asinawo. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] Futhi kukhombisile ukuthi babenempucuko njengoba uJesu athi, "Njengoba kwakunjalo ezinsukwini zikaNowa." Futhi uNowa, kulelozwe lesayense, eshumayela, "Imvula izokuna ezulwini, ngoba iZwi likaNkulunkulu lasho njalo!" UNowa wayengumprofethi.

126 Futhi uma nibona abaprofethi bevuka, kungcono nibhekisise, ukwahlulela kusendleleni yakho.

127 Ngakho-ke uNowa eshumayela, nabantu bekwenqaba, behleka ebusweni bakhe. Sengiyabona abanye babo bathi, "Lokho akuhlangabezani nemvumelo yethu yesayensi." Hhe!

128 Sengathi ngiyabona, into efanayo njengoba injalo namhlanje. Basho ukuthi, "Ukumemeza nokudumisa uNkulunkulu, nokukhala, nalokhu lapha okubizwa ngempilo 'yomgingqiki ongcwele' nezinto, konke kungamadlingozi asetshenziwe." Akuhlangabezani nemvumelo yabo yesayensi, kodwa kuhlangabezana neBhayibheli likaNkulunkulu. Lokho yinto enkulu. Qaphelani.

129 Sengathi ngiyabona isayense iphuma futhi yathi, "Buka, mfo. Buka, u—uthi ukuba ophambene ekhanda. Buka lapha. Mina, sinomshini irada yokupopola, singaciba inyanga noma sithumele iSputniki phezulu lapho. Akukho nelilodwa ithonsi lamanzi phakathi kwalapha nalaphaya. Manje izovelaphi na?"

130 Sengiyamuzwa uNowa ethi, "UNkulunkulu washo njalo! Futhi uma uNkulunkulu ethe kwakunjalo, unguJehova-Jira, Angahlinzeka amanzi phezulu lapho. UNkulunkulu washo njalo! Kuzokwenzeka, noma kanjani!" Omunye wathi . . .

131 Uthatha indoda ebulawa ngumdlavuza, isithunzi sendoda, nansi lapha; ngonyaka ozayo iyindoda enhle ephile saka. Kwenzeka kanjani na? Ilalise . . . Nginamakhulu alobo bufakazi. Umuntu usevele uphumile kulempilo, udokotela usayine isitatimende, "Ufile, ubefile amahora amaningi ngemva kwamahora." Futhi uNkulunkulu unikeze umbono, futhi uyaphila manje. Kanjani na? Ungangibuzi. Angazi. Kodwa uNkulunkulu washo, "Phulukisani abagulayo, nivuse abafileyo, nikhiphe amademoni." Kunjalo.

132 Noma nini lapho ugula futhi uNkulunkulu umemezela ukuphulukiswa, qhubeka—qhubeka nje nodokotela wakho, akakutshele uma usuphilile. Uzokunika . . . Lokho kuzonikeza ubufakazi kuye. Uma ethi, "Awu, sekuhambile konke"; uthi, "Akabongwe uNkulunkulu! Ngiyabonga, dokotela, ngezinsizakalo zakho," futhi uqhubeke uhambe. Niyabo? Kunjalo. Qaphelani.

133 Manje uNowa, wathi, "Kukhona imvula ezayo, umhlaba wonke, uzonigeza nina bantu ababi niphume."

134 "A, umbhedo! Sinamabandla ethu. Umelusi wethu akasho lutho kanjalo. Indoda endala iphambene ikhanda layo, yakha le emkhunjini phezulu lapho. Ucabanga ukuthi noma ubani angakukholwa na?"

135 Ngelinye ilanga, uNkulunkulu wathi, "Ngikuzwile ukuhleka usulu kwabo ngokwanele. SeNgilungele manje. Ngena ngaphakathi!" Futhi lapha kufika izilwane, ngazimbili, upholi wesilisa nowesifazane, umzwilili wesilisa nowesifazane, imbuzi yesilisa neyesifazane, imvu yesilisa neyesifazane, ibhubesi, ingwe, konke lokho okuphefumula umoya phezu komhlaba, kwangena emkhunjini.

UNowa wathi, "Leso yisibonakaliso sakho sokugcina!"

136 Futhi babengeke bakukholwe. "Qhubeka wenyuke uhlale nezilwane zakho ezinukayo."

137 Nango wayelapho, uNowa elalela uNkulunkulu. Kungakhathaleki ukuthi izwe lathini, walalela uNkulunkulu; wayengumprofethi. Wangena emkhunjini, futhi uNkulunkulu wavala umnyango ngemuva kwakhe.

138 Manje sengathi sengiyabona, abanye bamakholwa athiyeka emngceleni, ahlala azungeza futhi alalela umlayezo kaNowa, futhi asusa uchuku, niyazi, athi, "Uyazi ukuthini, lelokhehla kungenzeka ukuthi beliqinisile. Asikhuphuke futhi sime ngakhona. Lithe, 'Lizoqala ukuna uma lowomnyango uvalwa.' UNkulunkulu wamtshela ukuthi Uyovala umnyango, lizokuna. Asikhuphuke sime sizungeze. Futhi uma liqala ukuna, sizongqongqotha emnyango. Ngoba uyikhehla elinenhliziyo elungileyo, uzowuvula umnyango."

139 Niyabo, ngezinye izikhathi ubuka isithunywa esikhundleni soMlayezo. UNkulunkulu wavala umnyango. Akunandaba ukuthi uNowa wayenenhliziyo elungileyo kanjani, kwakunguNkulunkulu owenza ukuvala nokuvula, noma yini Ayifunayo.

140 "Mfowethu Branham, kukhona indoda ehlezi lapha phansi ekhoneni. Yehla futhi uyiphilise, sizokholelwa ekuphiliseni kukaNkulunkulu." Lowo ngudeveli.

141 Ofanayo omunye washo, ngenkathi bebeka indwangu izungeze ebusweni baKhe futhi baMshaya phezulu ekhanda, enkantolo, wathi, "Uma Ungumprofethi, sitshele ukuthi ubani Okushayile manje. Sizokukholwa." Akenzi mahlaya kunoma yimuphi umuntu. "Uma Uyindodana kaNkulunkulu, phendula lawamatshe abe yisinkwa. Uma Uyiyo!" Wayengakwenza, kepha Akenzi mahlaya kunoma yimuphi umuntu. "Uma Uyindodana kaNkulunkulu, yehla esiphambanweni." Abefundisi wayesho lokho, niyabo. Akenzi mahlaya kunoma yimuphi umuntu.

142 Wenza njengoba nje uYise aMkhombisa, futhi akukho okunye. Yilokho Akusho, uJohane oNgcwele 5:19, "INdodana ingenze lutho ngokwaYo, kuphela lokho Ebone uYise ekwenza." Nakho lapho okhona. Qaphelani.

"Sizokhuphuka futhi sime sizungeze umkhumbi, uma liqala ukuna . . ."

143 Ngiyacabanga uNowa wathi . . . Wangena oqwembeni lokuqala, wakhuphukela phezulu oqwembeni olulandelayo (izinyoni) kusukela ezintweni ezinwabuzelayo, kuye phezulu ehhovisi elilandelayo. Kusukela ekulungisisweni, kuye phezulu ekungcwelisweni (izinyoni), khona-ke wahamba esuka kulokho waqhubekela embhaphathizweni kaMoya oNgcwele; lapho iwindi lalikhona, lapho ukukhanya kwakungangena khona. "Ngenyukela ezulwini, ngahlala phansi." Ngathi, "Kulungile, mndeni, nina eningenayo lapha nami, ekuseni . . . Sekuba leyithi

kulentambama manje. Manje uNkulunkulu wavala umnyango ezansi lapho. Ekuseni, kuzoba nobumnyama phezu kwawo wonke umhlaba. Ekuseni, izimvula zizokuna futhi umkhumbi uzontanta usuke, futhi uNkulunkulu uzo—uzo—uzonciphisa zonke lezozoni ezinonya ezingawukholwanga uMlayezo." Zonke zilindele.

144 Ngakusasa ekuseni, wavuka, wabuka ngaphandle, kuhle futhi kuyakhanya. Wahamba wangena emkhunjini, bangaki owaziyo ukuthi wangena ngaluphi usuku na? Usuku lwe 17 lukaMeyi, lapho uNowa wayeneminyaka engamakhulu ayisithupha ubudala. Usuku lwe 17 lukaMeyi, iBhayibheli lasho njalo. Futhi lapho engena, usuku lwe 17 lwedlula, ilanga liyaphuma lishisa nje njengoba lalihlala lenza.

145 Sengathi sengiyababona, abathiyeka emngceleni, bethi, "A! Nginitshelile bekungekho lutho kukho! Yini eniyizilazilela nonke phezulu lapho na? Dedani kulowowaka onjalo!"

"Awu, ngiyacabanga ukuthi kwakunjalo."

146 Kodwa, niyabo, kukhona umugqa ohlukanisayo odwetshiwe phakathi kokukholwa nokungakholwa. Futhi kuphakathi kokuthi uza ngohlangothi olulodwa noma olunye. Futhi kunesikhathi lapho wemukela ukubizwa kwakho kokugcina.

147 Ngakho-ke, usuku lwesibili, ukuphoxeka okunje okwakuyikho kuNowa nebandla lakhe, lapho ayebatshele ukuthi uNkulunkulu uzobhubhisa umhlaba. Kodwa niyazi ukuthi walinda isikhathi eside kangakanani na? Izinsuku, eziyisikhombisa, akwenzekanga lutho. Ukuvivinywa!

148 Kwase kuthi-ke ngosuku lwesishiyagalombili, kwaba khona ubumnyama phezu komhlaba wonke, amathonsi amakhulu aqala ukuwa evela esibhakabhakeni, amanzi aqala ukuthululeka, futhi imithombo yabhoboka. Imigwaqo yagcwala amanzi. Abantu bangqongqotha emnyango, kodwa uNowa wayengabezwa ngisho nokubezwa. Futhi wantanta ngaphezu kwegquma eliphakeme kunawo onke, futhi bonke ababengaphandle komkhumbi babhubha.

149 UNkulunkulu evivinya uNowa, ukubona ukuthi wayengazama yini ukunombela aphume ngewindi, noma into ethize. Emva kokuba Wayesevele esenzile isithembiso, uNowa wakulinda!

150 Yilokho-ke! Uma unesithembiso, futhi uyazi ukuthi isithembiso, hlala naso! U-Abrahama wadingeka avivinywe. Hlala nesithembiso!

151 Manje, babenesibonakaliso sabo sokugcina. Khona-ke umzimba wabo waguqulwa. Futhi ngokushesha u-Isaka omncane wabonakala enkundleni, umfana omncane othandekayo ongumJuda. Ngingacabanga ukuthi emva kwezinsuku eziyisishiyagalombili wasokwa. Kanjani lowomama

osemncane, iminyaka eyikhulu ubudala. . . Kanjani ukuthi u-Abrahama, ikhulu leminyaka ubudala; noma yena owesifazane enamashumi ayisishiyagalolunye, naye owesilisa eneminyaka eyikhulu; kufanele ukuthi babe kanjani cishe, cishe eminyakeni engamashumi amabili, bejabula. Lo mfo omncane, wayemuhle kanjani!

152 Futhi niyazi, uNkulunkulu wathi, "Manje ukwenza abantu ezinsukwini ezizayo (iNzalo ka-Abrahama) bazi, iNzalo yakho iyazi ukuthi ngiyasigcina isithembiso saMi kunoma yimuphi umuntu oyobambelela eZwini laMi, Ngizomnikeza isivivinyo."

153 Lapho umfana omncane eseneminyaka cishe eyishumi nane ubudala. Sengathi ngiyabona, izinwele ezincane ezimahlikihliki namehlo amancane amahle. O, wayejabule kanjani lowobaba nomama! Niyazi ukuthi unjani wena mzali ngomntwana wakho, umntwana oyedwa vo. Khona-ke uNkulunkulu wathi ku-Abrahama. . . Manje, Wayengeke akutshele uSara, ngoba uSara wayeyisitsha esibuthakathaka. Futhi ngakho-ke Wathi, "Abrahama, ngifuna uthathe lo mfanyana eNgikunike yena, loyo engizokwenza ubaba wezizwe eziningi ngaye, futhi ngifuna umthathe umyise phezulu entabeni eNgizokukhombisa yona kulobubusuku embonweni, bese umbulala lapho." Bhubhisa lona kuphela ithemba elalikhona lakhe ukuba abe ngubaba wezizwe, ukuze uNkulunkulu agcine iZwi laKhe; uNkulunkulu wathi, "Ngikwenza ubaba wezizwe." Uye walinda manje yonke le minyaka, waze waba neminyaka eyikhulu ubudala, iminyaka eyikhulu neshumi nane ubudala. "Futhi nangu umfana omncane manje, futhi ubufakazi kuphela onabo ukuthi Ngizoligcina iZwi laMi, khuphuka futhi ububhubhise. Ngisazokwenza ubaba wezizwe ngalomntwana."

154 "Futhi u-Abrahama," wathi, "akangabazanga ngesithembiso sikaNkulunkulu. Wayazi ukuthi wamemukela njengovela kwabafileyo. Wayazi, uma uNkulunkulu wathembisa kanjalo, Wayengamvusa kwabafileyo."

155 Futhi khona-ke siyiNzalo ka-Abrahama na? Futhi elilodwa elincane iphutha lesayense yezenkolo elingasakazeka endleleni, ukuba ube ngothandwa yibo bonke abesilisa nabesifazane, hambani niye kuyo esikhundleni sokuhlala neZwi. Ngiyanidabukela! Enye inhlangano enkulu, kusho ukuthi lokho kuNkulunkulu na? Uzoyishanela ayisuse ka*njalo*! [UMfowethu Branham ushaya umunwe wakhe—Umhl.] Uyadeda kuyo, ubekwenza selokhu bahlela, yilowo nalowo wabo, futhi kuzohlala kunjalo. Hhayi abantu ngabanye phakathi lapho, kodwa inqubo yenhlangano, imelene noNkulunkulu. Lonke ibandla elihleliwe lingumama. . . noma indodakazi yenhlangano yeKatolika. IBhayibheli lasho njalo, iSambulo 17, "Isifebekazi esidala namadodakazi aso ayisifebe." Kunjalo impela.

156 Sinaye ehlezi khona lapha manje phezu kwesizwe sakithi. Ngiyanidabukela nina maDemokrati amahle enithengise ngamalungelo enu okuzalwa! Kulungile, sizoshiya lokho kuhambe, ngize ngibuye. Qaphelani. Ngishiywa yisikhathi. UKristu wenu akasho okuningi kini kunepolitiki yenu na? Nifanele nenze lokho u-Abrahama Lincoln akusho. Kulungile. Qaphelani, siyaqhubeka.

157 Manje uNkulunkulu wathi, "Thatha umfo omncane, menyusele lapho esiqongweni sentaba."

158 Manje nifuna ukwazi ukuthi u-Abrahama wayeyinsizwa yini noma qhabo na? Wahamba uhambo lwezinsuku ezintathu nomntwana, nezinkuni, nenceku, kanye nembongolo. Manje noma yimuphi umuntu, indoda ejwayelekile. . . ngangivamise ukugada izintambo zikagesi, ngangivamise ukuhamba ngezinyawo ngenkathi ngisengumqaphi wezinyamazane; futhi ngangihamba, kalula, amamayela angamashumi amathathu ngosuku. Futhi sinophethilolo wezinyawo, sikubiza kanjalo. Kepha lawo indoda, okokuhamba kwabo kuphela kungezinyawo, noma ukugibela imbongolo. Futhi lapha babenembongolo encane ehamba kancane; futhi singayishiya. Futhi wayelapha, uhambo lwezinsuku ezintathu, futhi khona-ke waphakamisa ikhanda lakhe wabona intaba ekude, nokho. Kumele ukuthi wayeqhele cishe ngamamayela ayikhulu empucukweni, emuva le ehlane. Manje lalelani, futhi qaphelani.

159 Khona-ke wathatha izinkuni futhi wazibeka emhlane ka-Isaka; isiphambano, iNdodana kaNkulunkulu eminyakeni kamuva. Futhi u-Isaka wathwala izinkuni wakhuphuka intaba, ayezobeka kuzo enzela umhlatshelo. Kubikezela ngaphambili!

160 Uma uNkulunkulu abikezela lokho ngaphambili ncamashi; umkaLoti, ungaphenduki futhi ubuke emuva ezintweni zezwe. Yonke leyomifanekiso nezithunzi kuphelele. Niyabo? Khumbulani u-Eva. Khumbulani umkaLoti. Khumbulani uLoti qobo lwakhe, wena ndoda. Khumbulani, u-Adamu wanikela kumkakhe; uLoti, indlela efanayo. Qaphelani. Ngiyanitshela nje, njengomfowenu. Isikhathi sesihambile kunoma nicabanga.

161 Qaphelani u-Isaka omncane ekhuphuka igquma. Futhi waba nokusola. Futhi waqalaza, wayesethi, "Baba wami?"

Futhi yena wathi, "Ngilapha, ndodana yami."

162 Wathi, "Nazi izinkuni. Futhi nakhu konke, yonke into, umlilo. Kepha iphi imvu yomnikelo wokushiswa na?"

163 Lalelani lowo babayi omdala, ngale kokuqhaqhazela emphimbweni lakhe, wathi, "Ndodana yami, uNkulunkulu uzozibonela Yena umhlatshelo." Indodana yakhe vo izohlatshwa, kepha nokho leyonhliziyo ethembekile endala yayazi ukuthi uNkulunkulu angeqambe amanga.

164 Leyo yiNzalo ka-Abrahama namhlanje! "Kungenzeka kanjani, Mfowethu Branham na?" UNkulunkulu uzozibonela Yena! "Uzokwenza kanjani na?" Angazi. Kodwa unguJehova-Jira!

165 Wenyukela esiqongweni segquma, wagingqa idwala. Wabeka izinkuni emadwaleni, futhi wazokhela ngomlilo. Wathi, "Isaka, ndodana yami, phenduka." Wathatha intambo okhalweni lwakhe, wabopha izandla zakhe nezinyawo zakhe. U-Isaka, walalela, njengoba uKristu wabanjalo, ekufeni. Wambeka phezulu eblokweni. Wagobela emgodleni wakhe wahosha ummese omkhulu; wawulola izikhathi ezimbalwa, ebheka phezulu ngasesibhakabhakeni.

166 "Akangabazanga isithembiso sikaNkulunkulu ngokungakholwa, kodwa wayeqinile, azi ukuthi wayemamukele njengovela kwabafileyo; eqinisekile ngokugcwele ukuthi uma uNkulunkulu esho njalo, kuye ukuba akwenze, Wayengamvusa kwabafileyo." Lowo ngu-Abrahama, futhi leyo yiNzalo emva kwakhe. Uma leyo kwakuyinzalo yemvelo, ifanele ukuba njani iNzalo yasebukhosini na? Akangabazanga! Lokho uNkulunkulu akushoyo, uNkulunkulu uzokwenza. Azi ukuthi, wayeqinisekile ngokugcwele; ukuthi lokho uNkulunkulu akwethembisa, uNkulunkulu wayekwazi ukukwenza.

167 Walola ummese; amehlo amancane amnyama ka-Isaka omncane ebuka leyonsinga ebukhali lapho eyigijimisa etsheni. Wafinyelela emuva; waphonsa ngemuva izinwele ezisongekile zasuka ebusweni bakhe, wadonsela emuva isilevu sakhe esincane. Waphakama, nezinyembezi zehla ebusweni bakhe kanjalo. Azi, futhi akangabazanga isithembiso sikaNkulunkulu! Waphakamisa isandla sakhe ukubhokoda ngommese emphinjeni wendodana yakhe uqobo.

168 Futhi lapho esekwenzile, iphimbo likaNkulunkulu lamemeza, futhi labamba isandla sakhe, lathi, "Abrahama! Abrahama, bamba isandla sakho! Ngiyazi manje ukuthi uyaNgithanda." Wayenzani na? Enikeza ubufakazi eNzalweni ka-Abrahama, emva kwakhe. "Bamba isandla sakho, ungamlimazi lo mntwana! Ngiyazi ukuthi uyaNgithanda."

169 Cishe ngalesosikhathi, u-Abrahama wezwa okuthize ngemuva kwakhe. Futhi wabuka, futhi kwakukhona inqama (leyo yimvu yeduna) ebanjwe ngezimpondo zayo okhuleni nasezihlahleni. U-Abrahama wahamba wathatha inqama futhi wayibulala, esikhundleni sendodana yakhe.

170 Yavelaphi leyonqama na? Usemamayeleni ayikhulu ukusuka empucukweni. Ngani, izilwane zasendle beziyoyibulala ukube yayibonakele emuva lapho. Impela, yi—yisilwane esifuywayo. Yavelaphi na? Futhi, ngaphandle kwalokho, iphezulu esiqongweni sentaba, lapho kungekho khona utshani noma amanzi. Futhi u-Abrahama wacosha onke amadwala

nxazonke, lapho kwakukhona, ukwenza i-altare. Yavelaphi na? Kwakungesiwo umbono; yopha. Umbono awophi. Haleluya! UJehova-Jira wayezibonelele Yena uqobo umhlatshelo!

171 Lapho uNkulunkulu ekuthathe eZwini laKhe, Uyakwazi ukuhlinzeka noma yini Ayidingayo. UNkulunkulu, uJehova-Jira, usenguJehova-Jira kulobubusuku. UnoMhlatshelo osuvele uhlinzekiwe. UneBandla elihlinzekiwe. UnesiThunywa esihlinzekiwe, uMoya oNgcwele. Ulapha manje, uJehova-Jira. INkosi izihlinzekele Yona uqobo iBhayibheli, uMoya, iBandla, uMlayezo, isiThunywa. Futhi ihora selifikile manje lokuthi iBandla lihlwithwe futhi liyiswe ekhaya. UJehova-Jira uzohlinzeka imizamo ukuthatha leloBandla liphume kulomhlaba, ngokuguqula le mizimba yethu ebuthakathaka, futhi ayenyusele eNkazimulweni. UJehova-Jira! Kuzokwenzeka kanjani kulolusuku lwesimodeni njengalolu esiphila kulo, ukuthi lezizinto ziyobanjani na?

172 UBilly, indodana yami, noma ngabe ukuphi, nami, ngangiseNdiya maduzane nje. Futhi ngacosha iphepha . . . Lapho ngehla emkhunjini, izinkulungwane zazimi lapho nezimbali ngezinqwaba. Ngenkathi sifika ngaleya eTaj Motel, babenephepha libekwe lapho, ngesiNgisi. Futhi ngibone isiqeshana esikhulu kulo, sathi, “Kufanele kube yisibonakaliso ukuzamazama komhlaba sekuphelile.” Kwakuyini inkinga na? Awu, cishe ezinsukwini ezintathu noma ezine ngaphambi kokuzamazama komhlaba okukhulu njengoba nifundile ngakho, zonke izinyoni ezincane ezazihlala emadwaleni . . .

173 ENdiya, abanalo uthango njengoba sinalo eCalifornia, i-United States. Benza uthango lwabo ngamadwala abawacoshayo. Futhi izinyoni ezincane zakha isidleke sazo kuwo. Benza imibhoshongo emikhulu, nezinyoni zakha izidleke zazo kuwo. Futhi zonke izinyoni ezincane, ezinsukwini ezithi azibe mbili ngaphambi kokuzamazama komhlaba, zandiza zasuka ezindongeni. Futhi ngesikhathi sakusihlwa noma . . . Phakathi nemini, lapho kushisa, izimvu nezinkomo ziyoma ngaphansi komthunzi wodonga nombhoshongo, ukuzivimbela elangeni elishisayo.

174 Kodwa izinsuku ezimbili, izinkomo nezimvu azizange zize odongeni. Zama ngaphandle phakathi nensimu zancikana, okwenduduzo. Kwase-ke kufika ukuzamazama komhlaba, kwazamazamisa lezozindonga zawa phansi. Futhi khona-ke izinyoni ezincane ziqala ukubuyela emuva, izinkomo zisuka ensimini. Kwakuyini na? UNkulunkulu ofanayo ongabiza izimvu nezinkomo, nezinyoni, zingene emkhunjini, kukhombisa ukuthi UnguNkulunkulu ofanayo namuhla ongabiza izilwane zaKhe zisuke.

175 Futhi uma Engakwazi ukuhola isilwane ngokuzibonela kwemvelo, bekufanele kakhulu kangakanani-ke ukuba iBandla

likaNkulunkulu ukuba lisuke kulezizindonga ezinkulu ezenziwe ngumuntu nezimfundiso zamabandla. IBabiloni lizokuwa, ngolunye lwalezizinsuku. UJehova-Jira uzihlinzekele Yena uqobo iNdawo yokuPhumula enzela wena. Ndiza usuke emibhoshongweni yezwe!

176 Ndiza usuke ebukhazikhazini beHollywood! Amabandla azama ukubahleka, ecwebezela. IVangeli alicwebezeli. IHollywood iyacwebezela; iVangeli liyakhazimula. IHollywood icwebezela ngokukhazikhazi. Isonto elikhulu licwebezela ngemfundo. Futhi iBandla likaNkulunkulu ophilayo likhazimula ngokuzithoba nobumnandi, kanye noMoya oNgcwele. Kukhona omningi umehluko phakathi kokukhazimula nokucwebezela.

177 Ulapha manje. UJehova-Jira uzihlinzekele Yena. "UNkulunkulu angamvusela u-Abrahama abantwana kulamatshe." Uma amahlelo engeke aLemukele, uNkulunkulu angaletha abantwana baKhe abavela emigwaqeni, izifebe ezivela emahhotela. Angavusa noma yini Ayifunayo. Kodwa uma uNkulunkulu ehlinzeke uMlayezo, kukhona umuntu othile ndawo ndawo ukuba aWemukele. UJehova-Jira! INkosi izozibonelela Yona uMlayezo. INkosi izozibonelela Yona isiThunywa. INkosi izozihlinzekela Yona, ngendlela yaYo uQobo, izibonakaliso eBandleni; hhayi ukujoyina, ukufaka amagama enu ezincwadini.

178 Sizwa okuningi namuhla ngezinqumo, izinqumo eziningi kakhulu. Kusiza ngani ukunqwabelanisa amadwala uma ungenaye umbazi wamatshe lapho ukuwasika futhi awabumbe abe amadodana namadodakazi kaNkulunkulu na? Kusiza ngani ukuba namahlelo amakhulu akhiwe ngezinkulungwane, uma kungekho muntu lapho oneNkemba ebukhali esika nhlangothi zombili kaNkulunkulu ukubabumba baphume babe abantwana bangempela bakaNkulukulu na? Usungamane ubashiye ngaphandle lapho abakhona. Amen. UNkulunkulu (hhayi iMethodisti, hhayi njengeBaptisti, iKatolika), uNkulunkulu wazihlinzeka Yena uqobo uMmese ukubumba abantwana bakaNkulunkulu, amadodana kaNkulunkulu. Amen. U*Jehova-Jira*, "iNkosi izozibonela Yona." Futhi Ikwenzile! Mkholweni, futhi niphile.

Asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje.

179 Nkulunkulu onomusa, uNkulunkulu ophilayo njalonjalo, yiba nomusa manje kithi, futhi siphe umusa waKho. Asifanelekile, Baba, noma yini leyo Obungasenzela yona. Kepha asivumi ukuthi sifanelekile, kodwa sikhathalele ubizo oluvela kuNkulunkulu. Siyakhuleka, Baba, ukuthi Uzosibumba kulobubusuku sibe ngamatshe azokwenela eThempelini likaNkulunkulu, ngokuFika okukhulu kweNkosi uJesu eThempelini laYo. Siphe khona, Baba. Sithethelele thina

zoni ngephutha lethu. Yembula kithi iZwi laKho. Sikhombise iNdlela yokuhamba. Sifundise, O Baba Nkulunkulu. Kwangathi singaYemukela. Futhi uma kuphambene neZwi, siyazi ukuthi nguthisha ongalungile. UMoya oNgcwele unguthisha wethu. Waloba iZwi, futhi Angeke afundise lutho ngaphandle kweZwi. Futhi siyakhuleka ukuthi Uzokwenza kubonakale kithi kulobubusuku, enhliziyweni yethu. Siphe khona, Nkulunkulu.

180 Manje amakhanda ethu ekhotheme, amehlo ethu evaliwe. Umusa kaNkulunkulu mawuphumule phezu kwethu, ngumkhuleko wami othobekile noqotho. Kholwani nje manje. Ningangabazi.

181 Ngabe ukhona esakhiweni, engaziyo ukuthi ukhona, abesilisa nabesifazane ongamazi Yena, ongakaze awamukele uMhlatshelo waKhe ohlinzekiwe, iNkosi uJesu, njengoMsindisi wakho na? AwuMazi na? Ungahle ngokuhlakanipha ucabange ukuthi uyamazi. Kodwa umuntu angeke abone uNkulunkulu aze azalwe kabusha. *Ukubona* akusho . . . Awuboni ngamehlo akho; ubuka ngamehlo akho. *Ukubona* uku "qonda." Ubuka kuLo ngqo, bese uthi, "Angiliboni," uqonde ukuthi a "wuliqondi." Awusoze wazi ukuthi sikhuluma ngani uze uzalwe kabusha. Awukaze ube nalololwazi lokuzibonela na? Namakhanda enu ekhotheme manje, namehlo enu evaliwe, ungasiphakamisa isandla sakho, bese uthi, "Mfowethu Branham, ngikhumbule emkhulekweni kulobubusuku. Ngikholwa ukuthi samukela uMlayezo wethu wokugcina. Usuku lushabalala ngokushesha. Futhi ngiyabona ukuthi lokho okushilo eBhayibhelini kuyiqiniso, ngoba ngilifundile iBhayibheli. Ngiyakholwa ukuthi yihora ukuthi sifanele size manje. Futhi, kimi, ngenza ukuma kwami manje ngenzela uKristu"?

182 UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise, wena. Kuhle. Phezulu kuvulandi osesitezi, izandla! Phakamisa nje isandla sakho, uthi, "Mina, njengoba uJoshuwa asho, 'Mina nendlu yami, sizoyikhonza iNkosi.'" Kulungile, omunye na? Ngilindile nje. UNkulunkulu akubusise emuva lapho. Ngiyasibona isandla sakho. UNkulunkulu akubusise phezulu lapho. UNkulunkulu akubusise. Uyakubona. Phezulu le kuvulandi osesitezi, uNkulunkulu akubusise phezulu lapho, mnumzane; into enkulu kunazo zonke owake wayenza empilweni yakho. Khona kanye kuvulandi osesitezi ophakathi nendawo, othile phakamisa isandla sakho phakathi lapho. Mhlawumbe angikaze ngibone isandla phakathi lapho, kungahle . . . Othize kulowovulandi osesitezi omaphakathi phezulu ngenhla na? Phakamisa isandla sakho, bese uthi, "Mfowethu Branham, kimi, ngi . . . ngifuna ukuMkhonza. Ngi—ngiqotho." UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu ayibusise indoda encane. Kuvulandi osesitezi ngakwesokudla, othile phakamisa

isandla sakho lapho, bese uthi, “Mfowethu Branham, mina, kimi, ngiyazi ukuthi kunjalo. Ngi . . . Angimazi uNkulunkulu, kodwa ngifuna ukuMazi. Ngifuna ukuqiniseka. Ngiyabona ukuthi angeke ngikwazi ukuthatha ishansi. Angisoze ngabuyela emuva futhi.”

183 “Indlela isihlahla esincike ngayo, yileyondlela esiwa ngayo,” umBhalo uyasho. Ungaweli ohlangothini olusendleleni engalungile. Ungakulungisa kulobubusuku. Khumbula, inqobo nje uma likhona iPhakade, futhi alikaze liqale futhi alisoze laphela, kodwa uba yingxenye yalo, uzohlupheka noma uzophila ngenjabulo. Wazi kanjani ukuthi uzophila uze ufike ekhaya na?

Uthi, “Ngisemncane kabi.”

184 Ngisanda kuthola nje umlayezo esikhashaneni esedlule. Inenekazi eliselincane esifundazweni sami, livele lajika imigwaqo ngokungalungile, laqala ukubhema osikilidi. Belitsheliwe ngoNkulunkulu, kodwa belingenakulalela. Iminyaka eyishumi nesithupha ubudala, beliphuma kwelalo . . . qhabo, iminyaka eyishumi nesishiyagalombili ubudala, liphuma nje emfundweni yasesikoleni esiphakeme. Futhi latshelwa, lizama ukwenza okulungile. Kodwa laqala nesigejane esingalungile, umbani walibulala khona lapho.

185 Maduzane nje, indoda eyikhaladi eShreveport yasukuma futhi yathi, “Ayikho into ethiwa nguNkulunkulu.” Yahlambalaza nje, yathi, “Abayilutho ngaphandle kwesigejane sabagingqiki abangcwele.” Umbani wayibulala. Bayithatha bayisa ethuneni. Futhi ngenkathi bengcwaba leyondoda, nakho kwenyuka ifu elincane, futhi umbani washaya ibhokisi futhi wayikhipha ebhokisini.

186 UJehova uNkulunkulu uyathukuthela. Ngiyazi UnguNkulunkulu olungileyo, kepha UnguNkulunkulu wokwahlulela, futhi. Usabuka, Uyazi.

187 Uma ungenaye uNkulunkulu, phakamisa isandla sakho, uthi, “Ngikhumbule, Mfowethu Branham, usakhuleka.” UNkulunkulu akubusise, nenekazi. UNkulunkulu akubusise, ndodana. Kunjalo, woza ngqo phambili. UNkulunkulu akubusise. Kunjalo, nsizwa. UNkulunkulu akubusise emuva lapho. Ucela uNkulunkulu uSomandla.

188 Baba wethu waseZulwini, manje Ubabonile. Uyazi kubekhona izandla ezingamashumi amabili noma amathathu eziphakamile, ukuthi bafuna Wena njengoMsindisi wabo. Nkulunkulu, siphe lokhu khona manje nje. Ngibanika leliZwi. Washo, Wena uqobo, “Ozwa iZwi aMi.” Ngenze okuhle okwedlula konke ebengingakwenza ngaLo, Nkosi. “Ozwa amaZwi aMi futhi akholwe NgoNgithumileyo, unokuPhila okuPhakade, futhi akayikuya ekwahlulelweni, kepha usedlulile ekufeni wangena ekuPhileni.” Into emangalisa kanje pho, ukucabanga lokho! Uma izinhliziyo eziqotho ngemuva

kwalezozandla, zikuqondile ngempela lokho, okuthile nje kwenzekile. Manje Wena wathi, “OyoNgivuma phambi kwabantu, ngiyakuvuma phambi kukaBaba waMi naphambi kweziNgelosi ezingcwele.” Mabazi ukuthi Wena ulapha, Nkosi. Ngiyakhuleka ukuthi Uzosipha khona. Sizwe. Siyizinceku zaKho, Nkosi. EGameni likaJesu.

189 Kulungile, phakamisa ikhanda lakho. Niyakholwa ukuthi UnguJehova-Jira na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Niyakholwa ukuthi sisezinsukwini njengoba kwakunjalo ezinsukwini zikaLoti na? [“Amen.”] Izinsuku zikaNowa na? [“Amen.”] Niyawukhumbula uMlayezo wokugcina na?

190 Ngabe kukhona umuntu lapha okwesikhathi sabo sokuqala na? Phakamisa isandla sakho. Abaningi! Ngiyacabanga ukuthi uMfowethu Borders usenichazelile. Nizwile ngomhlangano ngaphambili, okwenzekile. Phakamisani izandla zenu, uma nizwile; uma ningakaze nikubone, nikuzwile nje. Kulungile. Manje ngiyisihambi kubantu lapha.

191 Abanye benu bantu abanenkathazo, khulekani kuNkulunkulu, futhi nithi, “Nkulunkulu, ngihawukele, ngiyagula. UMfowethu Branham akangazi. Kodwa ngiyezwa ukuthi UngumPristi oMkhulu ongathintwa ngokuzwelana kobuthakathaka bethu.” Bangaki okwaziyo lokho na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] “Futhi Unguye izolo, namuhla, naphakade.” Niyakwazi lokho na? [“Amen.”] Awu, manje, uma EngumPristi oMkhulu ofanayo, Ubengaziphatha kanjani uma uMthintile na? Ngendlela efanayo Ayenza lapho owesifazane onomopho eMthintile. Waphenduka futhi wamtshela ukuthi umopho wawuyini, futhi wamtshela ukuthi ukukholwa kwakhe kwakumsindisile. Kunjalo na? UNguye ofanayo kulobubusuku, uma ningaMkholwa ngendlela efanayo Ayeyiyo ngaleyonkathi. NiyaMkholwa ngaleyondlela na?

192 Manje buka ngapha, kimi. Njengoba uPetru noJohane basho eSangweni eLihle, “Sibuke.” Lokho kwakungesikho ukuthi “babukele” noma yini, kodwa, “buka lokho ababekusho.”

193 Asiqale kusukela nga*lapha* ndawo ndawo. Buka ngapha, futhi ukholwe ngayo yonke inhliziyo yakho. Futhi uthi, “Nkosi Jesu, ngiyaKukholwa, futhi ngifuna ukuthinta ingubo yaKho. Khuluma kuMfowethu Branham, futhi mazise ukuthi iyini inkathazo yami. NgizoKukholwa uma Uzokwenza.” Ubungakwenza na?

194 Manje nansi into enesibindi. Ngingalokotha kanjani ngenze into enjengaleyo na? Bekungaba yinto engalungile ngami ukwenza inselele enjalo. Ngike ngakuphosela inselele lokho phambi kwabantu abayingxenye yesigidi, ngasikhathi, ngingakwazi ngisho ukukhuluma ulwimi lwabo. Kodwa Akazange angenzele phansi. Ngani na? Wakwethembisa! Lolu

yizinsuku zokugcina, futhi Wakwethembisa lokhu, futhi nakhu lapha.

195 Ngiyazi, bangani, nibe nokuningi ukuba kunilimaze. Nibe nokuningi ukuzifanisa nomunye ngokwenyama. Kodwa nje ake ngisho into eyodwa kini, hhayi okwenzuzo yami, kodwa okwenzuzo yenu. Bahlala njalo benalokho. Kodwa uNkulunkulu akakaze abe nababili emhlabeni ngesikhathi esifanayo, akakaze akwenze. Kodwa khumbulani nje, kuningi ukuzifanisa nomunye, kodwa kukhona uNkulunkulu wangempela. Kukhona uMoya oNgcwele wangempela. Kukhona uMlayezo wangempela kaNkulunkulu, futhi lokho ukuthi uJesu Kristu wafela izoni, waphinda wavuka kwabafileyo, futhi usebuyele emuva kuMuntu kaMoya oNgcwele, ukwenza umsebenzi ofanayo eBandleni lowo Awenza ngenkathi Wayelapha.

196 Manje, iZwi likaNkulunkulu alikusho lokhu na? KumaHeberu, Lathi, isahluko 4, iBhayibheli lasho ukuthi, "IZwi likaNkulunkulu libukhali, linamandla kunenkemba esika nhlangothi zombili, lisika lehlukanise," elisika kokubili okuzayo nokuhambayo, "ngisho nasemnkantsheni wethambo, futhi laHlulela imicabango nezizindlo zenhliziyo." Ngabe kunjalo na?

197 Yingalesosizathu uJesu wayengama ngaphambi kwezithameli futhi azitshele. LabobaFarisi bathi, "UnguBelzebule." UJesu waphenduka. Abazange bakhulumele phezulu, kodwa Wabatshela. Yingalesosizathu Engamtshela owesifazane ngomopho wakhe. Watshela owesifazane ukuthi wayekade enamadoda; futhi ngenkathi esekwenzile lokho, khona-ke Wathi. "Ngani, leso yisibonakaliso sikaMesiya."

198 Niyabona manje ukubuya, ukubonakala kukaMesiya phakathi kwabantu. NguMoya oNgcwele ulungiselela iBandla.

199 Ngifuna niphendule ikhanda lenu. Nibone lowo wesifazane omncane elulekela ngapho, ephakama emuva phezulu, ehlezi khona phansi lapha na? Niyakubona lokho kuKhanya phezu kwakhe na? Uphethwe ngumfutho wegazi ophakeme. Kunjalo. Ugqoke ingubo eluhlaza-sibhakabhaka, uthi ukugqoka izibuko ebusweni bakhe. Okomzuzwana wokugcina, noma emibili, ubelokhu ezwa ngokuxakile ngempela umuzwa ofudumele ngakuye. Kunjalo. Manje umfutho wakho wegazi ophakeme, obukade ukukhathaza kakhulu, usukile. Uyakwemukela na? Phakamisa isandla sakho uma ukwemukela.

200 Uthinte ini na? UmPristi oMkhulu. Manje hamba, ubuze inenekazi. Angikaze ngilibone empilweni yami. Angazi nokukodwa ngowesifazane; kodwa, lelo yiqiniso. Bengiqaphela lokho kuKhanya ngenkathi Kuhambe kwanqamula lesi izethameli, kuhambe kwanqamula ngqo futhi kuyabuya, ukuKhanya okukhazimulayo.

201 Uyakholwa na? Isifo samathambo, inkathazo yesinye, izifo ezinhlobonhlobo, ukwethuka, ubuthakathaka. Kunjalo.

Awusuye owalapha. Indawo encane ebizwa ngeWest Point. Kunjalo. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi ungubani na? Nksz. Hardwick. Kunjalo. Uma kunjalo, sukuma ume ngezinyawo zakho. Sekusukile. UJesu Kristu uyakusindisa.

202 Uyakholwa na? [Ibandla lithi, "Yebo."—Umhl.] Abantu babuka ngemuva, ngakho. Nakhu kuhlezi inenekazi khona lapha. Bukani, lokho kuKhanya kusalokhu kubambile phezu kwakhe. Anikuboni Lokho na? NaKhu. Bukani.

203 NaKho, naleyondoda ehlezi khona lapho ingibuka. Isifo samathambo. Ikholwa ngayo yonke inhliziyo yayo, uNkulunkulu uzokusindisa, mnumzane, nawe. Siyizihambi omunye komunye, kodwa hhayi kuNkulunkulu.

204 Lelinenekazi emuva khona lapha, liphethwe yikhanda. Nkulunkulu, ungalivumeli likugeje. O Nkulunkulu, ngiyacela. Nkosazana Morton, kholwa yiNkosi uJesu Kristu. Ukuphulukisile kulokho kuphathwa yikhanda. Niyabo, Ubengeke amvumele edlule. Ngifuna ukukubuza okuthile. Izolo ebusuku lapho ngikhulume kothile esakhiweni mayelana nokuphathwa yikhanda kwabo, ubunokuzwa okuxakile ngempela, futhi ubuzibuza ukuthi ngabe lowo bekunguwe, noma qhabo. Akunjalo na? Phakamisa isandla sakho. Angifundi wona umqondo wakho, kodwa ngikutshela obukade ukucabanga. Kunjalo. Namuhla Ubefuna ukuqiniseka ukuthi bekunguwe. Kuzosuka kuwe manje, ukukholwa kwakho kukusindisile. Haleluya.

205 Bukani lelinenekazi elihlezi lapha, ligqoke ingubo eyisikoshi. Unalo ikhadi lomkhuleko, nenekazi na? Hlola elakho. Uyakholwa ukuthi isibhono sizosuka, uzosinda na? Uyakholwa na? Phakamisa isandla sakho uma kuyilokho okungalungile ngawe. Kulungile. Kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho futhi uphulukiswe. Uyabona ukuthi kuyini kimi na?

206 Inenekazi khona ngemuva kwalo, liphakamise isandla salo, nokuncane . . . qhabo, elesibili emuva lapho, eligqoke ingubo encane ebukeka iluhlaza-satshani, liphethwe yinkathazo yenhliziyo. Yebo. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokusindisa na? Lokho kuhle, kuhle kakhulu. Uzokwenza uma nje uzokukholwa.

207 Inenekazi, elesibili ngaphezulu ukusuka kuwe, uNkk. Dillman lapho. Uma ukholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphilisa kuleyonkathazo yesisu. Nkk. Dillman, kholwa, futhi uzoba naso isisu sakho. Isisu esiguliswa yimizwa. Sekube nawe isikhathi eside, ikakhulukazi selokhu ube nokuya esikhathini. Ube nezinto eziningi okukubangela inkathazo eningi, kodwa sekuphelile manje. Uma lezozinto ziyiqiniso, vele nje uvayizelise isandla sakho kubantu, ukuze bezobona. Uma ngiyisihambi kuwe, qhubeka uvayizelise isandla sakho. UJesu Kristu uyakusindisa.

208 Niyakholwa na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Kuyini na? UJehova-Jira, iNkosi izibonelela Yona uMhlatshelo! Manje ezethameli zonke ziba uhlobo olufana nokufipheleyo kimi. UJehova-Jira uzihlinzekele uMhlatshelo wenu nonke. Niyakukholwa na?

209 Manje nina lapha eniphakamise isandla zenu, yenyukelani lapha futhi nime lapha umzuzu nje. Nizokwenza na? UJehova-Jira uzibonelele uMhlatshelo. Phakamisa isandla sakho, wena okukholwayo. Ubonile lapha, futhi uyazi. Akunakwenzeka... Kuyinto Ethile! Bukani lababantu, bangaki ababiziwe. Angisazi manje. Mhlawumbe abayisikhombisa, abayisishiyagalombili noma abayishumi, noma ngabe bekuyini, lowo obiziwe. Bekungalokhu nje kuqhubeka. Kodwa ngisenamandla, ngifuna wena uze, wamukele uKristu njengoMsindisi wakho. Ungaphakama manje futhi uze, ngenkathi sisacula, "Ngiyeza, Nkosi, ngiyeza manje kuWe"? Ningaphakama manje futhi nikhuphukele lapha, nina eniphakamise isandla senu esikhashaneni esedlule na? Futhi nime nizungeze i-altare lapha, futhi nikhombise ukuthi aninamahloni ngoKristu. NiseBukhoneni baKhe. Wozani manje, futhi nifakazise kubantu ukuthi ngempela nikuqondile, ukuthi nifuna ukukhunjulwa uNkulunkulu, futhi nimemukelile njengoMsindisi wenu. Khuphukani manje, sonke sisama futhi sicula.

Ngiyeza, Nkosi!
Ngiyeza manje kuWe!
Ngigeze, ngihlanze eGazini
Elageleza liphuma eKalvari!

210 Wozani niphume manje, wozani ezansi lapha ngqo. Sizokhuleka. Awusoze wasondela kuYe lapho uhamba.

Ngiyeza manje kuWe!
Ngigeze, ngihlanze!

211 Yehlani ngqo niphume kuvulandi osesitezi. Kunjalo. Woza ngqo phansi, yima khona lapha. Yiba yi...Manje, Wathi, "Uma niyoNgivuma phambi kwabantu, lowo ngiyomvuma phambi kukaBaba waMi. Kepha uma unamahloni ngaMi, ngiyoba namahloni ngawe," khumbulani, iBhayibheli, kusukela kuGenesise kuye ngale eSambulweni. Wozani manje, abasha nabadala. Nizoza na? Lungu lebandla, noma awusilo, woza manje. Uzoza na? Yemukela uKristu ngenkathi useseBukhoneni baKhe.

Ngiyeza, Nkosi!
Ngiyeza manje kuWe!
Ngigeze, ngihlanze eGazini
Elageleza liphuma eKalvari!

212 Qhubekani nje, nicula. [UMfowethu Branham uqala ukuhamisha, "Ngiyeza, Nkosi."—Umhl.]

213 Lalelani. Niyangikholwa ukuthi ngingumprofethi waKhe na? Angizange ngikuvume lokho ngaphambili. Ngiyakholwa ngime nabantu abaqondayo nabaziyo engizama ukukuthola kini. Kunabantu phakathi lapha abazisho ubuKristu, bebefanele babe khona *lapha*. Woza, angeke na? Ake nginibuze, nizoke kanjani na? Anisoze nemukele esinye isibonakaliso. Lokhu Yikho. ISHO KANJE INKOSI. Umprofethi kaNkulunkulu angake enze isitatimende esinjalo uma bekungesilo iqiniso na? Nemukela isibonakaliso senu esikhulu kunazo zonke, futhi isibonakaliso senu sokugcina, ngaphambi kokubonakala kukaKristu. Wozani! Isizathu ngisho lezizinto, angikaze ngikusho lokhu kunoma yimuphi omunye umhlangano, ngizwa ukuthi khona lapha yithuba lapha lento ethile ukuba yenzeke. Yingakho ngikusho ngendlela engikusho ngayo. Ngiyakholwa niyaqonda. Beningeke nihambe nizungenze, nenze uhlobo oluthile lwenkoleloze, nithi, "UMfowethu Branham ungunkulunkulu," noma into ethize efana nalokho. Niyakuqonda engikhuluma ngakho. Wozani manje. Wozani. Ake nginibonise, eGameni likaKristu. Wozani!

214 Nina eningazi ukuthi nimi kuphi, aniqinisekile ngakho, ukuhlakanipha nje, noma uhlobo oluthile lwedlingozi; umemezile, ukhalile, noma u—ubunohlobo oluthile lomuzwa. Ungazami ukufinyelela Lapho ngalokho. Khumbula, ngiyakutshela eGameni leNkosi, ukuthi ulahlekile, ulahlekile kalusizi, futhi awukwazi. Ungathathi ishansi, mngani. Ngihlwanyela imbewu kuphela, futhi ngidonsa inetha. UNkulunkulu uthatha ukwanda. Angazi.

215 Asikhothamise amakhanda ethu, sibone uma Engeke angitshele. [Udade ukhuluma ngolunye ulimi, futhi-ke unikeza incazo—Umhl.] Niyakuzwa lokho.

> Ngiyeza manje kuWe! (Hlola inhliziyo yakho)
> Ngigeze, ngihlanze ku . . .

216 Lungu leBandla. Ukube bengimi lapho, futhi nje kuphela nginesipiliyoni sokujoyina isonto . . . ? . . . bengingenza indlela yami lapha ngokukhulu ukushesha engingakwenza.

217 Khumbulani, uMoya unikeza ubufakazi ukuthi sisekupheleni. Isayensi yathi, "Kusele imizuzu emithathu ngaphambi kwamabili." UMlayezo neBhayibheli kuthi, "Nakhu, into yokugcina!" Imvuselelo isiyaphela. Umnyango usuyavalwa. Uzoba ngaphandle, ungqongqotha, futhi ungakwazi ukungena. Wozani!

UNkulunkulu akubusise, nenekazi eliselincane. Manje, nikubonile lokho na?

> Ngiyeza, Nkosi!
> Ngiyeza manje . . .

218 UNkulunkulu akubusise. Kunjalo, mnumzane. Yileyondlela, yehlani ngqo kovulandi osesitezi. Beza ngezinhlu.

219 Nanti iZwi, nabu ubufakazi obubonakalayo. Nanko uMoya, nango ufakazi. Futhi lapha abantu bayeza, ukukhombisa ukuthi silapha esikhathini sokuphela.

Ngiyeza, Nkosi!
Ngiyeza manje kuWe!
Ngigeze, ngihlanze eGazini
Elageleza liphuma eKalvari.

Ngiyeza, Nkosi!

220 Silindile, sisabiza abanye bangene. "Engathandi ukuthi kubhubhe namunye; bonke beze ekuphendukeni." "Wozani," wathi, "kiMi."

221 Uma ubunokungabaza engqondweni yakho. Nifanele niqiniseke, bangani. Ukukholwa kuphelele.

. . . kuphuma eKalvari!

. . . Nkosi!
Ngiyeza manje uku . . .

222 Abanye, abantu abangamashumi amahlanu kuya emashumi ayisikhombisa nanhlanu babuthane ndawonye. Manje woza. Vumela bonke ozomele eze. Sibambile nje isikhashana manje. Isizathu, kusasa kuzoba ukuphulukisa kukaNkulunkulu. UMoya oNgcwele ukhulumile kimi, esikhashaneni esedlule, "Ungawubizi lowomugqa. Bizela e-altare." NgizoMlalela futhi ngenze njengoba Engitshela. Ngazi kangcono kunokungakwenzi.

Ngiyeza manje kuWe!
Ngigeze, ngihlanze eGazini
Elageleza liphuma eKalvari.

Amakhanda ethu ekhotheme manje, njengoba silindile.

223 O Nkulunkulu, vumela uMoya oNgcwele ungene ngaphakathi kulaba. Labo abafuna ukukhuphukela ngaphambili e-altare, uholela abantu manje esibusisweni. Futhi—futhi kwangathi iNkosi uNkulunkulu ingasipha khona. UMoya kaNkulunkulu, ukhuluma.

224 Ngenani ngaphakathi, ngenani ngaphakathi. Sondelani manje, nonke. "Wonke umphefumulo, wesono sicindezelwe, kukhona umusa kanye neNkosi." Wozani manje. "Ngenani ngaphansi kukazamcolo ohlanzayo, ususa onke amabala azo esono. Kukhona uMthombo ogcwaliswe ngeGazi, elimuncwe emithanjeni ka-Imanuweli." Ngenhlonipho yokuzithoba.

225 Niyakuzwa lokho kuthula phezu komhlangano manje na? Kuyini na? Kungukufa, ukufa ezonini. Manje izisebenzi eziqondene nomuntu ngenani nizungeze kanye nabo manje. Ngukufa, laba bantu bayafa. AmaBhayibheli aphumile, ayachaza. Ukufa kuqhubeka kuzungeza i-altare, nokuPhila okusha kuzofika emva kokufa.

Kukhona uMthombo ogcwaliswe ngeGazi,
Elimuncwe e . . .

O, uyofuna kanjani ukuzwa lokho ngolunye usuku, usuku lapho umthambo wakho uyeka ukushaya!

Nezoni zabhukuda phansi kwalelothantala,
Kusuka onke amabala azo esono.
Kususa onke amabala azo esono,

Yilokho-ke, mfo osemncane. Ayibusiswe inhliziyo yakho. Yilokho Akulindile.

Nezoni zabhukuda ngaphansi kwalelothantala,
Kususa onke amabala azo esono.

226 Manje makuthi amaKristu ayaliwe, akhuphuke sisacula ivesi elilandelayo. "Isela elifayo lathokoza ukubona lowo Mthombo osukwini lwalo; kwangathi lapho mina, ngimubi njengalo, ngigezwe zonke izono zami." Makuthi abantu abayalayo manje bakhuphuke basondele. Wena ongenawo umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, khuphuka usondele manje. Awukwazi uNkulunkulu angahle akwenze manje emzuzwini. Khuphuka manje, ngenkathi sisacula ivesi elilandelayo manje.

Isela elalifa lathokoza . . . (iZwi elenziwa labonakaliswa)
Umthombo osukwini lwakhe;

O, kulungile, phumani ngqo manje. Wozani aManzi esazanyazanyiswa.

. . . mina, futhi ngimubi njengaye,
Ligeze zonke izono zami.
Ligeze zonke izono zami,
Ligeze zonke izono zami;

227 Yilokho-ke, zisebenzi. Ngenani ngaphakathi ngqo. Bonke labo khuphukani ngesitebhisi manje okokuzanyazanyiswa kwaManzi. Yenyukani ngqo.

. . . mubi njengaye,
Ligeze sonke isono zami.

228 Manje nina enifuna ukukhuleka, khuphukani nisondele manje futhi nizilungiselele. Sizokholwa ukuthi uNkulunkulu uzo, kuqonda lokhu. Uzofanele! Yena kanye uNkulunkulu ongehlulela umcabango wenhliziyo! Khumbula, uJesu wakwenza lokho kuphela emzini. Kodwa Wathi, "Okuningi kunalokhu niyo, kwenza." Niyabo, kwafakazisa ukuthi umBhalo waKhe uqinisile! Ngenani manje. Asikhulekele lababantu manje olapha. Wonke umuntu owaziyo ukuthi kukhulekwa kanjani. Mangaki amaKristu azelwe ngokusha esakhiweni na? Phakamisa isandla sakho. Manje makuthi bonke abaphakamise izandla zethu futhi babongele lababantu.

229 Baba wethu waseZulwini, sinikela ukubonga kuWe ngalababantu. BangabaKho. Bayeza, ukwenza ukuvuma. Bafikela ukuzofa kubo uqobo nezono. Babuyela emuva, izidalwa ezintsha kuKristu.

230 Sathane, wehluliwe empini! UNkulunkulu unguJehova-Jira! INkosi izihlinzekele umHlatshelo, wahlinzekela abantu, wahlinzekela ukubizela e-altare, wahlinzekela uMlayezo, wahlinzekela umusa. Futhi uSathane wehluliwe empini, eGameni kaJesu Kristu wehluliwe empini!

